# *Ubufakazi Phezu Kolwandle*

Asibe silokhu nje simile, kulobubusuku, umzuzwana, futhi asikhothamise amakhanda ethu emkhulekweni, phambi kweNkosi yethu. Ngiyamangala kulobubusuku, sisakhothamise amakhanda ethu manje, uma sinanoma yiziphi izicelo e—esingakaphendulwa, futhi nifuna iNkosi iziphendule, kulobubusuku, phakamisa isandla sakho, uma ubungathanda. Asikhuleke.

2 Baba wethu oNgcwele, sisondela kuWe, kulobubusuku, eGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu Kristu, siza ngesimemo saKhe esiHlalweni sobukhosi esikhulu saPhakade somusa kaNkulunkulu. Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosipha izicelo esizicelayo. Manje, Baba, yilowo nalowo wenza isicelo sakhe saziwe ngendlela yabo kuWe, futhi ngizokwazisa esami kuWe, Nkulunkulu, ukuthi Uzophendula isicelo sabo ngasinye, leso ngesami. Futhi ngibeka umkhuleko wami, nowabo, phezu koMhlatshelo lapho uMhlatshelo wethu ulele Lapho. Futhi, eGameni likaJesu Kristu, phendula kulobubusuku, Nkosi, Siphe konke ukwaneliseka kokukholwa ukuthi siyakwamukela esikucelayo. Sindisa abalahlekileyo, banikeze intokozo labo abangabahambi, belindele ukuFika kweNkosi, phulukisa abagulayo nabahluphekile, thola inkazimulo nodumo eGameni laKho. Manje, ngomkhuleko wethu, nokufundwa kweZwi, nathi uqobo, sinikela kuWe, sisezandleni zaKho, sisebenzise ngokubona kwaKho kufanele.

3 Baba, siyazi ukuthi baningi abantu abangeke balifunde iBhayibheli, kodwa Wenze iBandla laKho izincwadi ezilotshiwe, iZwi likaNkulunkulu libonakalisiwe. Futhi abantu bangabuka izimpilo, futhi babone ukuthi iZwi likaNkulunkulu liyini, ngoba impilo yomKristu izwakalisa iZwi. Khona-ke sifanele sibe hlobo luni lwamaKristu, Nkosi na? Sisize sibe ngamaKristu eBhayibheli, ukuze imisebenzi nokuPhila kukaJesu Kristu kungaziwa ngathi. EGameni laKhe, siyakucela. Amen.

4 Ningahlala phansi. Yeka inhlanhla enje yokuba nalobu busuku obuthathu nani bantu! Ngifuna ukubonga, kuqala, Mfowethu Eddie, ngokungimemema ngapha, nangokuthola laba abanye abazalwane abakahle lapha ukuba beze bazosiza, abaculi, kanye—kanye nodade odlale upiyano, no—nomfowethu nodade abaculile, ucabange ukuthi angikuzwanga, kodwa ngikuziwe, Bengizihlalele nje khona lapho emotweni emva kokuba ngishayelile ngenyuka, futhi ngezwa ukucula, kubangani abangamaNdiya abebesiculela, kanye—kanye nomfo osemusha ocule lesi sipesheli. Futhi ngifuna ukuthola iteyipu yalokho ukuba ngizisebenzisele mina uqobo, ngifuna lokho. Futhi nginamateyipu abantu emhlabeni jikelele abaculayo, futhi

ngifuna ukuthola abangani bami abangamaNdiya eteyipini ekuculeni.

5 Siyanibonga ngamunye, nangomnumzane ohloniphekile osivumele ukuba sibe nalelihholo elikhulu, futhi thina si—sibonga kakhulu. Futhi ngiyathemba ukuthi—ukuthi lokhu kuzokwenza. . . Ubusuku obuthathu bekuyindlela nje efana nokwethula, ukujwayelana nani. Futhi ngethemba ukubuya ngolunye usuku, uma iNkosi ithanda futhi nifuna ngibuye, ukuze sihlale isikhathi eside.

6 Ngibe nenhlanhla kulentambama yokugibela ngehlele esabelweni sakho, ezansi emfuleni, Ngiqagele basibiza ngokuthi, indawo yokungena encane, inhlonhlo, phansi lapho okwakukhona khona izabelo, kanye nomfowethu, umzalwane ongumKristu, esikebheni sakhe. Sadoba sabuya. Ngakwazi ukubona abanye babazalwane, phandle echibini, noma, olwandle, ezikebheni zabo bedoba. Futhi ngacabanga, ngenkathi ngiphandle lapho, "Ngifisa sengathi ngabe benginesikhathi kulobubusuku sokushumayela intshumayelo, 'Nkosi, sishikashikeke ubusuku bonke asibambanga lutho, kodwa noma kunjalo, ngeZwi laKho sizokwehlisa inetha.'" Siyiphonse ngakwelinye icala lomkhumbi. Kodwa, ngikhuluma nalo mfowethu, ongumNdiya qobo lwakhe, futhi ukholwa ukuthi kungaba kuhle, mhlawumbe lapho ngibuya, ukwehla nje ezabelweni, futhi ngihlale ezansi lapho isikhashana, ezindaweni ngezindawo phakathi kwabantu, futhi—futhi ngikhulume nabo, futhi ngikhuleke kanye nabo lapho. Wena . . .

7 Ngokweqiniso, ku. . . kwenza umhlangano okungesikho ubulungiswa bokuthi kufanele kukwenze ngendlela esenza ngayo lapha, vele ugijime ungene, bese uyakubuka, futhi umangale, futhi [UMfowethu Branham ushaya iminwe yakhe—Umhl.] kuhambile. Niyabo? Futhi ngahlala phansi, futhi ngachaza, namhlanje, kulomfowethu ongumNdiya. Futhi sengivele ngilikhohliwe igama lakhe. (Belingubani elakhe. . .?) UMfowethu Johns-. . . [Umfowethu uthi, "Robert Johnson."] URobert Johnson. Angase akwazi ukukhuluma nani futhi anitshele okwengeziwe ngakho; sahlala phezulu etekisini. Futhi ngenkathi ngisamchazela khona, ngathi, "Mfowethu Robert. . . " into ethile esasizoyicela. Futhi wayengitshela ukuthi iNkosi yayiwuphendule kanjani umkhuleko, futhi yamnika umfana wakhe omncane, kanjalonjalo, ukuthi umkakhe wayewele kanjani kuMoya kaNkulunkulu, futhi ekhuluma ngezilimi, futhi ekhuluma ngolwimi lwakhe, yena owesifazane kanye naye owesilisa besizwe esihlukile, nokuthi kanjani ukuthi—ukuthi uNkulunkulu wayebabusisile, nakho konke. Futhi khona-ke ngathi, "Manje, sizocela iNkosi okuthize." Futhi ngathi, "Manje-ke kulokhu, Mfowethu Robert, khona-ke uzokwazi ukutshela abantu." Futhi ngenkathi siyibuza iNkosi, nansi Yehla ngqo futhi yakwembula.

8 Futhi ngaleso sikhathi, isikebhe savele sazamazama yonke indawo, ngase ngithi, "Ubucabanga ukuthi sishaye ugodo na?" Futhi wangibuka. Ngathi, "Qhabo, lokho bekunguYe esazisa. Niyabo?" Futhi sabuka yonke indawo ngemuva, kwakungekho zigodo noma lutho olulele lapho ukuba lushaywe, kwakuphandle ngqo olwandle. Ngakho niyabo, "sebekhulekile kwazanyazanyiswa indawo lapho ababebuthene ndawonye kuyo," niyabo. Futhi uyohlala ekukhumbula, kanjalo nami ngizohlala njalo, uBukhona beNkosi, kuyilapho bonke abanye babenabile kwingaphezulu bethatha isihlwathi. Ngakho, saba nenhlanganyelo ethile ndawonye. Futhi ngethemba ukuthi ngiphinde ngibuye futhi.

9 Ani—ningazi impela, futhi ninelungelo lokusola kancane, kuphela ngiyabonga ukuthi aninjalo. Mhlawumbe abanye bazokwenza. Kodwa ngicabangile ukuthi mhlawumbe . . . Ngiye ngabheka phambili endleleni yokuthi ngiyobona iNkosi yenza into ethize evelele kakhulu obekuzobangela bonke abanye, ezansi phakathi lapho, ukuba babone ukuthi kwakwenzekeni. Futhi ngakho ngiyethemba. Futhi ngatshelwa ukuthi kukhona okwenzekile phakathi nomhlangano, futhi ngatshela uMfowethu Robert ukuthi atshelwe ini u—umzali womuntu, futhi kanjalo, ngokuthi ungaqhubeka kanjani uma uSathane efanele azame ukubuya. Ngakho manje . . .

10 Futhi ngifuna ukubonga abantu abamhlophe ngokubambisana kwenu okuhle, ningena lapha ukuba . . . nabazalwane benu abangamaNdiya nalabo, futhi nimi ndawonye, nokusiza ekukuxhaseni, nibeke amahlombe enu—enu ngemuva kwe—kwesondo, njengoba sukubiza kanjalo, futhi niphushe ngamandla enu onke. Futhi uNkulunkulu unihloniphile nani, ngoba baningi abakaMoya . . . izikhathi eziningi uMoya kaNkulunkulu uyaphuma . . . waphuma wadabula ngqo umhlangano lapho futhi wabamba labo, futhi wabaphulukisa. Futhi—futhi ngifuna ukunibonga, kuhle kakhulu kini. UNkulunkulu anibusise njalo.

11 Futhi manje, noma kusasa ebusuku, siseVictoria. Ngicabanga ukuthi bakumemezele, lapho okukhona, lapho umhlangano uzoba khona, uma abanye benu benabangane phakathi lapho, ngani, nibashayele ucingo lowo ogulayo, singajabula ukwehla. Manje, engingathanda ukukwenza uma ngibuya bekungaba nje ukuthatha isikhathi eside, niyabo, futhi ngingazami ukuhlala isikhathi eside kakhulu ebusuku, kodwa nje mhlawumbe khona-ke nibe ne—inkonzo yasekuseni yokufundisa nokusho lokho isitha esizokwenza. Futhi makuthi labo isitha esixoshwe kubo, bese-ke siyabuya . . . Siyathola lapho umoya ongcolile usuphumile kumuntu, uhamba ezindaweni ezomile, bese uphinde ubuye nabanye odeveli abayisikhombisa. Futhi abantu abaningi bacabanga ukuthi ngezinye izikhathi ngenxa yokuthi bagula, lokho

kuyisibonakaliso, awu...Ake sithathe isibonelo, umzuzwana nje wokufundisa, ngoba kuyashisa lapha, futhi ngiyazi kubi. Kodwa manje, ngokwesibonelo njengokuthi...Ake ngibone ukuthi sita-...

12 Kulungile, ake sithathe isibonelo, ithumba. Manje, yini *ithumba* na? Yini *umdlavuza* na? Kuwukuphindaphindeka kwamangqamuzana, avela engqamuzaneni elincane elihlubukile. Manje, wenziwa ngengqamuzana elilodwa elincane nawe. Manje, ngomshado ongcwele, unyoko noyihlo baba nesandla ngawe uza emhlabeni. Okokuqala, imbewu eve-..., noma, ngempela, iqanda livela kowesifazane, futhi i—imbewana ivela kowesilisa. Manje, isikhukhukazi singazalela iqanda, noma inyoni ingalizalela iqanda, futhi ingabi ngisho nenyoni yesilisa, kodwa alisoze lachanyuselwa, alivundile, niyabo, lifanele libe nomlingane ukuze livunde. Manje, futhi ngakho i...

13 Yingalesosizathu ukuthi odabeni lukaKristu ba... abanye abantu bathi WayengumJuda, sithanda ukukholwa ukuthi WayengumNdiya, abanye bafuna ukukholwa ukuthi Wayengum-Anglo-Saxon, abanye bathi WayengoweZizwe; Wayengesuye nokukodwa, WayenguNkulunkulu, Wayengeyena umJuda noma oweZizwe. Niyabo? Ingqamuzana legazi livela ebulilini bowesilisa. Futhi kuloludaba, uMoya oNgcwele wasibekela intombi, futhi wadala leloNgqamuzana leGazi, okungukuthi, uNkulunkulu akasuye umJuda noma oweZizwe, futhi WayeyiGazi likaNkulunkulu, uBaba waKhe. Niyabo?

14 Ngakho-ke, sonke sizalwa ngesifiso socansi, negazi elikithi, liyigazi lesono, ngokuphendukezelwa kwendlela yokuletha abantwana emhlabeni. UNkulunkulu wakhuluma nje, u-Adamu waphuma. Futhi i...Ngakho, owesifazane wayengekho endalweni yasekuqaleni, ungumkhiqizo ovela kowesilisa, Wathatha ohlangothini lwakhe, u—ubambo. Futhi yena...u-Adamu emoyeni wayeyikho kokubili owesilisa nowesifazane, kokubili kowesifazane nokowesilisa emoyeni, futhi uNkulunkulu wehlukanisa o—okowesilisa kokowesifazane, wase efaka okowesifazane kowesifazane, nokowesilisa kowesilisa. Futhi niyabo, kokubili umzimba nomoya, bamunye. Yingalesosizathu ngenkathi uSara ehleka iNgelosi, wathi wayengeke abe kanjalo, UNkulunkulu wayezombulala lowo wesifazane khona lapho, kodwa Akakwazanga ukumlimaza, ngoba uyingxenye ka-Abrahama; Wayezozwisa u-Abrahama ubuhlungu ukuba Wayethathe uSara. Yingaleso sizathu izono zethu namhlanje, besiyolahlwa sonke, kodwa uNkulunkulu angeke asithathe ngoba, Uyakwenza, Uzwisa ubuhlungu uKristu, siyingxenye yaKhe, singuMlobokazi, aniboni na? Ngakho nakho la kukhona. Ngakho, umusa usibambe emaphutheni ethu size sibone kangcono. Ngiyabonga kakhulu ngalokho.

15 Manje, lelongqamuzana legazi, lokho ngukuthi, liyeza...

Manje, siyazi ukuthi sivelaphi. Manje, uma bengingathatha indoda lapha, futhi ngiyithathe ingqamuzana ngengqamuzana, futhi ngiyidilize, belizobuya, ezigidi zamangqamuzana, abuyele engqamuzaneni elilodwa elincane esibelethweni sikanina, futhi lelongqamuzana liqala ukuphindaphindeka. Futhi yonke imbewu iveza uhlobo lwayo: inja ngenja, inyoni ngenyoni, umuntu ngomuntu, nokunye nokunye. Futhi kwaveza umuntu, waqala ukukhula, ekhula, akha amangqamuzana, aze afike endaweni ethile, bese-ke eyama, futhi usekhulile ngokugcwele.

16 Manje, siyazi ukuthi umzimba wakho uvelaphi, kodwa kuwe, sithi, kukhona umdlavuza, noma ithumba, noma ungwengwezi lamehlo, noma isikhwama esinobomvu. Savelaphi na? Niyabo? Ivelaphi leyonto na? Niyabo, into yokuqala, udeveli angeke adale, yingakho udeveli engeke aphulukise. Munye kuphela uMdali, lowo nguNkulunkulu.

17 Kodwa, ingqamuzana elihlubukayo, lilimele. . . Njengasebeleni lowesifazane ngesinye isikhathi kufika umdlavuza oyimbali, kungenxa yengane, noma ukulimala ebeleni lakhe, nalokho kulimala okuncane, ingqamuzana liyahlephuka futhi okunye ukuphila kungene kuleyondlu yengqamuzana. Lapho ingqamuzana lilimele, impilo yomdlavuza ingena kulokho futhi iqala ukuphindaphinda amagqamuzana. Manje, niyabo, nanku umdlavuza noma ithumba, okukhudlwana, okukhudlwana, amangqamuzana aphindaphindekayo. Kwenzani na? Kumunca umgudu wakho wegazi, kukubulala, kukufaka ushevu, ekugcineni kuzokuthola. Udokotela, abanye bangakwazi, angakwazi ukuhlinza, uma ekubamba esigabeni sangasekuqaleni futhi athathe, asike yonke into ekuzungezile, kodwa uma ucezu olulodwa oluncane lusele, [UMfowethu Branham ushaya iminwe yakhe—Umhl.] kuzokhula kuqhubeke ngqo ngokufanayo nje.

18 Manje, asibhekene ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu ngaleso simila, sibhekene nokuphila okukuleso simila. Manje, isibonelo, uma ubungumdlavuza emhlabeni, a—angibhekani nomzimba wakho kuphela, ngi—ngiyobhekana nomoya. Uma ngingakhipha lowomoya kulowomzimba, uzobuyela othulini ngokuzenzakalelayo. Awu, uma ungakwazi ukukhipha ukuphila emdlavuzeni, kuzothatha . . . imvelo izozinakekela. Manje bhekisisani, lapho umdlavuza ufa, noma isimila, manje kwenzekani na? Imme- . . . njengongwengwezi phezu kweso, luyashwabana. Noma yini efayo, iyashwabana, siyakwazi lokho. Buza umngcwabi wakho, mbuke ekhipha iso lokufakelwa, amazinyo okufakelwa, azoshwabana.

19 Manje, njengani bazalwane lapha, zingela. Ubulala inyamazane idiye kulobubusuku, uyoyiletha ekhaya, uyibeke esikalini, uhambe utshele bonke abanye, "Leyo nyamazane idiye yayisinda amaphawundi angamakhulu amathathu ngqo." Qaphela ekuseni, izoba ngamaphawundi amaningi isilula,

iyashwabana. Kodwa, iyeke nje ilale lapho izinsuku ezimbalwa, bese-ke uyibuyisela esikalini, izoba nkulu kunalokho eyayiyikho okokuqala. Kungani na? Amangqamuzana ayavuvukala, ayabola, kunjalo, aqala ukubola.

20 Awu, into efanayo leyo eyenziwa ithumba. Abantu, kuqala bathola ukukhululeka, bathi, "Whewu, he, ngizizwa ngingcono. He, ngi . . . Kulungile. Ngiyabona. Makabongwe uNkulunkulu! Ngiyabona." Cishe emahoreni angamashumi ayisikhombisa nambili, kwenzekani na? Lokho kuyaqala ukuba . . . Ukubola kuqala ukungena. Umzimba womuntu, ikhala liwela phakathi. Niyabo? Liqala ukubola. Awu, lelothumba lenza into efanayo ngaphakathi kuwe, futhi lapho lenza, liqala ukuvuvuka. Khona-ke wena uthi, "O, ngilahlekelwe ukuphulukiswa kwami. Ngilahlekelwe ukuphulukiswa kwami." Ukuthi, ukungakholwa kwakho kubuyisela leyonto ngqo futhi. Niyabo?

21 Njengoba ukukholwa kwakubulala, ukungakholwa kuyakuvusa futhi. "Lapho umoya ongcolileyo esephumile, uyahamba ezindaweni ezomile ufuna ukuphumula. Bese-ke ubuya futhi neminye imimoya eyisikhombisa." Niyabo? Manje, uma indoda enhle yendlu ingekho lapho ukuwulwisa, lokho kukholwa, lapho ubuya, "Angikhathali ukuthi ngizizwa kangakanani, kuthiwani ngakho, ngiyazi ukuthi ngiphulukisiwe," lokho kumvalela ngaphandle. Manje, ungahle ugule ngempela, ngoba ngani na? Kufana nokutheleleka emzimbeni wakho. Isimila siyafa, bese-ke siyabola. Nenhliziyo, njalo lapho ishaya, iyadlula futhi ihlanze igazi; siyakwazi lokho. Igazi liyasicosha lesi sifo esithelelanayo, ngoba unomkhuhlane nokugula, futhi uba mubi kakhulu kunalokho obuyikho . . . Futhi abantu bacabanga ukuthi balahlekelwe ukuphulukiswa kwabo, kuyilapho empeleni lokho kuwuphawu ukuthi banakho.

22 Manje, kuningi nje kakhulu okuhambisana nalokho, anginaso isikhathi sokuchaza. Niyabo? Kodwa khumbula nje, ngenkathi wena . . . Manje, isizathu sokuthi ngingathathi isikhathi sokukuchaza manje, yingoba uma ukukholwa ngempela, akukho lutho oluzoma endleleni yakho, uzoba nakho noma kanjani. Niyabo? Bese kuthi-ke futhi, ku—u—uMoya oNgcwele umemezela okuthile okufanele kwenziwe, qaphela, Uzokusho okwakuyikho, manje ake ulinde umzuzu, Uzosho ukuthi kuzoba yini. Niyabo? Ungagijimi ngokushesha kakhulu. Linda. Manje-ke uma Ukwenza, UyaZikhulumela, *lokho* bekuyimi ngikhuluma ngesiphiwo, lokhu *okunye* ngu-ISHO KANJE INKOSI, lokho Akushoyo. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

23 Manje, umlingiswa . . . Njalo, wena . . . Nonke nina bantu beChurch of God, philani kahle, philani ngokufanele, abantu babhekisisa indlela eniphila ngayo. Futhi uma kukhona noma yini eyisithiyo ebuKristwini namuhla, yindlela abazibiza ngamaKristu abaphila ngayo: ukungathembeki,

ukungahloniphi, futhi ukuphila nganoma iyiphi indlela. Ungakwenzi lokho, singamaKristu. Kukhona obuka impilo yakho, kungokuyikho. Thembeka, yazisa wonke umuntu. Makuthi okuphathelana nawe kube ngobulungisa futhi kuqonde thwi, futhi—futhi—futhi ungathathi lutho, akusikho okwakho. Ungasho lutho ngaphandle kwalokho okuyiqiniso, futhi ungahlala ukhuluma iqiniso ngaso sonke isikhathi, futhi uNkulunkulu uzolihlonipha iqiniso. Futhi ngaso sonke isikhathi yenza okulungile. Phatha wonke umuntu ngokufanele; uma bengakuphathi ngokufanele, baphahte ngokufanele noma kanjani. Niyabo? UJesu wasiphatha ngokufanele ngenkathi singaMphathanga ngokufanele. NoMoya waKhe kithi!

24 Indaba encane ihlezi kahle nje. Ezansi eningizimu babevame ukudayisa izigqila, nina bantu baseCanada nafunda ngakho, ubugqila eningizimu. Ngani, babevame ukuhamba bezulazula, bebathenga njengezimoto esezike zasetshenziswa enkambini, babe nephepha lokudayisa, bedayisa izidalwa ezingabantu! Angikaze ngikholwe ukuthi noma yimuphi umuntu wayezoba yisigqila. UNkulunkulu wenza umuntu, futhi umuntu wenza izigqila. Akekho ofanele abe yisigqila ngaphansi komunye, singabazalwane, siphuma esihlahleni esisodwa esikhulu somndeni, u-Adamu no-Eva ensimini yase-Edene. Manje, ngokomoya sizalwa nguNkulunkulu, lokho kushintsha isimilo sethu.

25 Kodwa nje . . . Lezi zigqila zazi, awu, zalethwa ngapha zivela e-Afrika ngamaBhunu, futhi zalethwa eziqhingini ezingaphandle kweFlorida, futhi zangeniswa, zashushumbiswa zangena, futhi zathengiswa njengezigqila. Futhi o, ku—kuyadabukisa indlela ezaphathwa ngayo. Futhi zazidabukile, zazingasophinde zibuyele ekhaya. Babethatha indoda enkulu kakhulu, enamandla, mhlawumbe enonkosikazi nabantwana abancane, futhi wayesuswa kulowo nkosikazi, futhi amthengise futhi amzalanise, njengezinkomo, kowesifazane omkhulu, ukuletha izigqila ezinkulu ukuze zikwazi ukudonsa umthwalo omkhulu, nokunye nokunye. O, njengezilwane nje! Futhi kwakungalungile, kwakungalungile, akukho sikhathi esasilungile, asikaze sibe khona, futhi asisoze saba ngesifanele. Futhi ngakho-ke, ekwenzeni lokho, abantu bedabukile, futhi babebabhaxabula, babenze basebenze, ngoba babengafuni ukusebenza, babekude nekhaya, babengeke baphinde bababone abathandekayo babo, mhlawumbe, abantwana babo, uyise noma unina. Futhi ngakho oyedwa . . .

26 Babehambahamba, abathenga bathengisele abanye babehambahamba, futhi bathenge lezizigqila, futhi baphinde bazidayise, njengoba wenza ezimotweni noma okuthize. Ngesinye isikhathi beza eplazini lokulima, otheng'athengisele abanye, futhi wathi, "Zingaki izigqila onazo lapha na?"

Wathi, "Cishe ikhulu namashumi amahlanu."

Wathi, "Ngingathanda ukuzibheka."

27 Futhi waqaphela ukuthi kwakuzodingeka babhaxabule ezinye futhi bazenze zihambe, kodwa kwakukhona insizwa eyodwa lapho, babengadingeki ukuthi bayibhaxabule. Mfowethu, amahlombe ayo ayehlehlile, nesilevu sayo siphezulu, siqonde ngqo. O he, isigqila esihluke kanje pho!

Futhi otheng'athengisele abanye wathi, "Ngifuna ukuthenga leso sigqila."

Kodwa umnikazi wathi, "Asidayisi."

Ngani, wathi, "Ingabe singubasi phezu kwazo zonke ezinye izigqila na?"

Wathi, "Qhabo, asisiye ubasi, siyisigqila nje."

"Awu," wathi, "mhlawumbe usondla kangcono kunokuba wenza kwezinye."

Wathi, "Qhabo, sidla phandle emkhunjini nazo zonke ezinye izigqila."

Wathi, "Awu, yini esenza sahluke kangaka kwezinye na?"

28 Futhi umnikazi wathi, "Uyazi, ngake ngazibuza lokho mina uqobo, ngaze ngathola, ngoluny'usuku, ukuthi ngale ezweni lendabuko uyise uyinkosi yesizwe, induna, inkosi yesizwe." Futhi wathi, "Nakuba singowezizwe, sikude nekhaya, sisazazi ukuthi siyindodana yenkosi, futhi siziphatha njengayo."

29 Yeka isifundo kimi nawe! Singase sibe phakathi kwezoni, nabafokazi bezwe lapha, abangakholwa, kodwa singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, eNkosi, uNkulunkulu. Khona-ke asiphathe isimilo sethu, sibe njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, siziphathe njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, futhi kungadingeki ukuba sishayelwe ngapha nangapha, futhi senziwe . . . zama ukuphusha ukukholwa yiZwi. Kholwa yiZwi. Amadodana kaNkulunkulu ayalikholwa iZwi laKhe, amadodakazi kaNkulunkulu ayalikholwa iZwi laKhe, futhi ngakho-ke sifanele senze isimilo sethu sibe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, noMoya oNgcwele usibumbe sibe ngamakholwa.

30 Ngiyabonga, kakhulu. UNkulunkulu anibusise. Futhi nge—ngethemba ukuthi uMoya oNgcwele unenzele okuthile ukuthi anisoze naMkhohlwa, futhi niyohlala niMthanda. Futhi uma ngingabuyi ukuzonibona futhi, uNkulunkulu abe nani, ngizohlangana nani ngapheseya.

31 Ngizokhuluma nabangane bami abangamaNdiya manje. Ezansi ngakuleyo mizila yezinyamazane engapheli neze eNkazimulweni, ngizohlangana nani ngalapho. Ngiyoba . . . ngihambe ngehle ngomzila wezinyamazane, ngizohlangana nabo bonke engibathandayo, bazobe belapho. Niyazi, lowo

ngumkhuleko womNdiya ekufeni. Ngakho, ngizohlangana nani eMzileni weziNyamazane ngaphezulu.

32 Kini bantu abamhlophe: Lowo ogcina inyanga ikhanya ukuze sazi ukuthi uhamba kanjani ebumnyameni, sengathi Angaqondisa indlela yakho yezinyawo futhi, siyohlangana kuleloZwe elikhazimulayo.

33 Baba wethu waseZulwini, manje siyazinikela kuWe, sivulele iZwi. Siphe khona, Baba. Sihlezi kule ndawo eshisayo kulobubusuku, abantu beziphephetha, abezi lapha ukuzobona ukuthi omunye nomunye ugqoke kanjani, beza lapha ngoba bayaKuthanda. Abaningi babo baye balondoloza imali yabo, bahlanganisa openi babo futhi beza emhlanganweni. SiKubonga kanjani, Baba wethu. Nkulunkulu, babusise. O, uma ngithole umusa emehlweni aKho, Nkosi, phendula umkhuleko wami ngawo wonke umphefumulo okulomhlangano. Siphe khona, Nkulunkulu. Futhi labo abathamelile, nabathandekayo babo, baphe izicelo zabo, Baba, Ngiyakhuleka, njengenceku yaKho, ngayo yonke inhliziyo yami, eGameni likaJesu. Amen.

34 Ngifisa ukufunda kulobubusuku, futhi kancanyana nje. . . Ngicabangile, ngiza ngikhuphuka, bengizokhuluma ngenye indaba, futhi ngacabanga, "Awu. . ." Ngihlezi laphaya emotweni ngi. . . ngilindile, futhi ngacabanga. . .

35 Nakhu sekuvele, manje, cishe imizuzu eyishumi nambili ngaphambi kwehora lesishiyagalolunye. Ngempela, sifanele siphume emizuzwini engamashumi amathathu-nanhlanu, niyabo, ngokohlelo olumisiwe. Futhi mina. . . Kumnandi kakhulu ukukhuluma nani, angitholi nje indawo yokuyeka, ngivele—vele ngiqhubeke nokukhuluma. Ngakho—ngakho khulekani.

36 Ngizokhuluma ngenye into, imizuzu embalwa nje. Khona-ke ngicabanga ukuthi ngizobiza umugqa womkhuleko, futhi ngikhulekele wonke umuntu olapha ofuna ukukhulekelwa, ngikhulekele wonke umuntu. Ngakho, ukuthi—ukuthi uthamele, futhi mhlawumbe ukholwa, futhi ufuna ukukhulekelwa, ngizokukhulekela. Niyabo? Futhi ngifuna nikholwe. Manje, siyahamba nje, sizame ukwakha ukukholwa okuncane nje futhi senze okuncanyana kwe. . . okungaphezulu kwesibhakela emhlanganweni, futhi lalelisisani ngempela.

37 Futhi manje ngizofunda eVangelini likaMathewu oNgcwele, i—isahluko se 12, ivesi lama 26 nelama 27, indikimba encane, ejwayelekile, kanye nomlayezo. Angifuni ukuthola abafowethu nodadewethu abangamaNdiya ezintweni ezine noma ezinhlanu ezahlukene. Kulesi sikhathi esincane, kungcono ukuthi ngihlale kulowo mugqa ofanayo. Bavele bakubambe lokho kahle ngokwanele, bazokwazi, futhi ba—bayakukholwa, Mina. . . uma ngingazi lokho abacabanga ngakho. Ngingakusho lokho ngoba

ngiyazi ukuthi bayakukholwa, ngiyazi ukuthi bayakukholwa. Manje:

> *Kepha abafundi sebembonile ehamba phezu kolwandle, bashaywa luvalo, bethi, Yisithunzi; bakhala ngokwesaba.*
>
> *Kodwa* uJesu *masinyane*. . .*Kepha uJesu wakhuluma kubo masinyane, ethi, Yimani isibindi; yimina; ningesabi.*

38 Manje, indaba yami kulobubusuku ingukuthi: *Ubufakazi Phezu Kolwandle*, njengoba besenza namhlanje, Mfowethu Robert, uma ulapha, *Ubufakazi Phezu Kolwandle,* nendikimba yami—yami kulobubusuku ingukuthi, "YiMi; Ungesabi." Ngakho manje, kwangathi iNkosi ingengeza izibusiso zaYo eZwini.

39 Ngifuna ukukwenza emdlalweni omncane wasesiteji, njengobufakazi. Bangaki abathanda ubufakazi na? O, he! UMfowethu Eddie wangitshela, wathi, "Uyazi, Mfowethu Branham, emva kokuba imihlangano isiphelile laphaya" wathi, "abafowethu abangamaNdiya," wathi, "bazohlangana bese baqala ukufakaza, nomhlangano uyoqubuka phakathi kwabo ngqo, futhi bayohamba, bawele bonke." Futhi wathi, "Bese-ke bethula emva kwesikhashana, bese-ke omunye umuntu uyasukuma futhi uyafakaze, bese kuqubuka umhlangano futhi." Futhi wathi, "Bavele bahlale lapho, inqobo nje uma uMoya ulapho, bayahlala." Lokho ulwazi lokudabuka kwezinto oluzwakalayo oluhle—luhle ngempela, hhayi ulwazi lokudabuka kwezinto, kodwa umqondo omuhle, kuhlala noMoya.

40 Niyazi, nomaphi lapho uMoya kaNkulunkulu unyakazile, leyoNsika yoMlilo, nomaphi lapho Yahamba khona, khona-ke abantwana bakwa-Israyeli bahamba naYo. Futhi ngenkathi Iphuma ebandleni eliKatolika, emuva emakhulwini eminyaka edlule, uLuther waYibona, futhi wahamba naYo; kodwa manje-ke wakha inhlangano ngaphansi kwaYo, uNkulunkulu waphuma wasuka ngqo ngaphansi kwenhlangano. Kwase kuthi-ke uWesley wayibona, eNgilandi, futhi wakha ibandla elibizwa ngokuthi yibandla likaWesley. Emva kokufa kwaKhe, yena, kanye—kanye noWhitefield, kanye—kanye no-Asbury, nalabo, bakha inhlangano, futhi uNkulunkulu waphuma kuyo ngqo. Neqembu labantu elithiwa iPentecostal, baYibona, basho bahamba, kodwa abakwenzayo, benza into efanayo, bakha inhlangano ngqo ngaphansi kwaYo. Futhi uNkulunkulu uvele asuke ngqo nje aphume phansi kwenhlangano, elokhu eqhubeka. Landela uMlilo. Manje, ngi—ngikhulekela ukuthi izibusiso zikaNkulunkulu ezicebile, phezu kwakhe.

41 Kumele ukuba kwakuthi akube yilesisikhathi sokuhlwa, ilanga lase lishona. Kwakukade kube usuku olukhulu, nomdobi omkhulu, lawomahlombe amakhulukazi, ayephusha lesosikebhe

ngasogwini, futhi lapho esusa ingemuva lomkhumbi, kungani agibela, futhi wahlala phansi eceleni komfowabo, u-Andreya.

42 Manje, ngalezo zinsuku babengenaso isikebhe njengoba besinaso namuhla, esinenjini kuso esasihamba. Babenezigwedlo, futhi babesibiza ngomkhumbi, ngezinye izikhathi babe noseyili phezulu, futhi uma imimoya yayivunguza, babengakwazi ukuntweza, futhi baqondise, njengoba nina badobi nazi. Kepha-ke, kuhlale kuyimfihlakalo kimi ukuthi wena, ngalowo useyili, ungawulawula kanjani umoya, uhambe ngqo ushaye ebusweni bomoya, nomoya ukuqhubekisele phambili phambi kwawo; yindlela nje ohlela ngayo oseyili bakho. Yileyondlela ngokukholwa futhi, uma wazi nje ukuthi ungadonsa kanjani oseyili bakho bokukholwa uzungeze, kuyokwenzela okuthize, khona ngqo ebusweni bobunzima, kukuhambisa udlule kukho ngqo, uma nje wazi . . . Manje, nina matilosi phandle lapha niyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Qaphelani.

43 Wayesethatha isigwedlo sakhe, benezigwedlo ezinkulu ezinde, futhi bagwedla umkhumbi wabo, futhi babehlala phansi futhi bagwedle izikhathi ezimbalwa, bese bevayizela emuva osebeni kubantu osebeni, babesanda kuba nomhlangano omuhle nje ngaleyontambama. O, kwakukhona umhlangano omangalisayo kakhulu. Izinto ezinkulu zazenziwe, nabantu babejabule kakhulu, baze bama osebeni bempongoloza, "Nihambe kahle. Buyani niphinde nisibone futhi."

44 Ungakwenzi . . . Ngenkathi unomhlangano omuhle kanjalo, mfowethu, awuzondi ukuwushiya na? Njengoba nje ngiyakuzonda ukucabanga ukuthi lobu ubusuku bethu bokugcina lapha isikhashana, ngiyakuzonda ukuhamba. Ngifisa sengathi ngabe besinamaviki amabili noma amathathu ukuhlala lapha. Futhi—futhi kwathi lapho behamba, bazizwa ngendlela efanayo ngalabo bazalwane, futhi babevayizelisa, "Nihambe kahle. NiMbuyise. Buyani futhi nihlale nathi futhi, sifuna ukunibona ngapha."

45 Futhi babewela ulwandle. O, kwakuthule ngempela, futhi kubushelelezi, nezigwedlo zicwiliswa emanzini, okuwumculo ezindlebeni zomshayeli wesikebhe, ukuzwa lezo zigwedlo zicwiliswa emanzini. Futhi babevayiselisa nisale kahle, futhi badonse izikhathi ezimbalwa futhi bese bevayizelisa nisale kahle, futhi njengoba umkhumbi omncane uqhubeka, nelanga laliya ngokwehla ngaso sonke isikhathi. Ngemva kwesikhashana abantu ogwini baya ngokuncipha ngokuncipha, futhi umkhumbi omncane uya ngokuncipha kubo, emva kwesikhashana babengasababoni bevayizelisa, futhi bengabezwa bememeza "nihambe kahle" kubo futhi.

46 Futhi bathi, "Sifanele sisheshe." Futhi ngakho, badonsa kanzima impela laze lashona ilanga, lasho nya, kwase-ke kuyaphola echibini laseGalile. Futhi kufanele ukuthi

kwakunguJohane omncane, wayengumfo omncane, ufanele ukuthi wayesheshe wakhathala, ngoba wayengeyena usawoti omdala omahhadlahhadla, njengalabo abanye abafo ababezazi lezozikebhe, nokuthi kudotshwa kanjani, nakho konke. Bonke babengabadobi, ngakho bazi ukuthi zidonswa kanjani lezo zigwedlo, uSimoni, no-Andreya, nabo bonke, kodwa uJohane wayemncane.

47 Ngiyamuzwa ethi, "Whewu, he! Mfowethu, mm, ake siphumule isikhashana, sengiyakhathala." Ngakho babeka phezulu izigwedlo, futhi uJohane osemncane wema lapho ebhekise ikhanda phansi isikhashana, nezinwele zakhe ezimnyama zilengela emehlweni akhe, futhi waziphululela emuva, wathi, "Ngingathanda ukuba nomhlangano wobufakazi, into enhle leyo, sisaphumula. Ngingathanda ukuba nomhlangano wobufakazi, futhi ngingathanda ukuba ngowokuqala ukufakaza." Niyazi, uma unokuthile ongakusho, awukwazi ukukubamba uthule, ufanele ukusho, ukuqhuma nje kuwe, ufanele ukusho.

48 "Ngingathanda ukuba nomhlangano wobufakazi," kusho uJohane osemusha, "futhi ngingathanda ukuqala lomhlangano wobufakazi. Bazalwane," njengoba esukuma esikebheni, niyazi, "bazalwane, ngingathanda ukusho lokhu: Ukuthi ku . . . Akunandaba, kusukela kulolu suku kuqhubeke, bangaki abantu abasitshela ukuthi sinephutha, ngeke besakwazi ukungitshela. Ngibezwile bebiza iNkosi yethu ngombhuli, udeveli, uBelzabule, zonke izinhlobo zamagama. Kodwa ngiyazi ukuthi banephutha ngakho, namhlanje, ngenkathi ngiMbona enza lokho Akwenzile namhlanje, kukuxazulule phakade kimi."

49 Manje, wathi, "Niyazi, ngenkathi abantu bakithi beqala ukuza ngapha bevela eGibhithe, benyuka bedabula ePalestine, futhi beza bangena kulelizwe . . . Ngangivame ukuhlala egqumeni ngenhla nje kwaseJeriko. Futhi njengomfanyana, umfana omncane ongumJuda, ngangivame ukugijima emagqumeni futhi ngidlale. Futhi ntambama emva kokuba umama anginike ukudla kwami kwasemini, ngani, wayengibiza futhi angihlalise egosini. Futhi ngesikhathi sasentwasahlobo, ngangikhetha izimbali ezincane ezingagcwala isandla futhi ngimnike. Futhi umama wami omncane omuhle ongumJuda wayevame ukuhlala lapho, futhi angiphulule ikhanda lami, futhi aphululele izinwele zami ziye emuva, futhi angixoxele izindaba zeBhayibheli ngize ngiyolala. O, ngiyazikhumbula lezo zindaba zeBhayibheli!" Kubi kakhulu namuhla ukuthi sitshela abantwana bethu okuningi kangako ngoDavy Crockett, noma into ethize efana naleyo, esikhundleni sokumayelana noKristu. Sixoxa zonke izinhlobo zezinye izindaba ngaphandle kwezindaba zeBhayibheli.

50 Futhi ngakho, khona-ke into yokuqala niyazi, wathi, "Umama wayengixoxela indaba nsuku zonke. Wayengitshela,

'Johane, khona ezansi nomfula lapha, ucezu oluncane, ngenyanga ka-Aphreli, uJoshuwa, leloqhawe elikhulu, wakhuluma kuNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wawubiyela umfula ngogange, no-Israyeli wawela ngenkathi iJordani lalidla izindwani, emhlabathini owomileyo. Futhi lapho ewela, wahlangana neNduna eNkulu yebutho leNkosi esangweni laseJeriko. Futhi kanjani, ukuthi ehlane, ukuthi uNkulunkulu wabakhipha kanjani abantu bakithi! Manje, Johane ungalinge umkhohlwe, uNkulunkulu, ngomprofethi, uMose, ngaphansi kweNsika yoMlilo enkulu, wahola abantu bakithi baphumela kulelizwe lesethembiso. Futhi uyazi, Johane, mfanyana wami,'" futhi wathi, "Ngangibuka phezulu ubuso bukamama, futhi wathi, 'Johane, uyazi, uNkulunkulu watshela abantu bakithi, "Akudingekile ukuba ulethe noma yini edliwayo, Ngizonondla ngenkathi nesesehlane." Futhi Wehlisa isinkwa, njalo ebusuku, futhi wasibeka kahle sonke phansi. Futhi ngakusasa ekuseni, bonke abantu bakithi okwakufanele bakwenze kwakungukuphuma bayocosha leso sinkwa basidle.'"

Futhi wayethi, "Uyazi ukuthi kungani. . .Ngasho kumama wami? 'Mama, uNkulunkulu wenzeni na? Kwakungubani lowo, owehlisa lesosinkwa na?'"

"'UNkulunkulu, Wehlisa isinkwa, futhi wasinekela abantu bakithi ukuze badle, futhi wasehlisela bona njalo ebusuku.'"

51 "Futhi ngiyakhumbula, bazalwane," uyothi kubo bonke abanye, "Ngiyakhumbula ngangivamise ukuthi kumama wami, 'Mama, ingabe uNkulunkulu unohele olukhulu lohhavini phezulu lapho nenqwaba yeziNgelosi ezisebenza ebusuku na? Futhi Ufaka sonke isinkwa kuhhavini, futhi Uyasibhaka, bese egijima ehle futhi asendlale phansi na?'

52 "Wathi, 'Qhabo, Johane. Ungumfana omncane nje, awuqondi. Uyabo, uNkulunkulu unguMdali, futhi uNkulunkulu akadingeki abe nohhavini, Uyakhuluma nje, futhi Wadala isinkwa.'"

53 Wabe esethi, "Bazalwane, namuhla, ngenkathi ngiMbona ethatha lezozinhlanzi ezimbili ezincane namabhisikidi amahlanu, isinkwa esincane, futhi ahlephule lesosinkwa futhi wondla izinkulungwane ezinhlanu, ngangazi ukuthi Lowo kwakunguJehova ofanayo owondla abantu bakithi. Futhi nangu Usabondla nanamuhla. Akukho mbuzo engqondweni yami, kodwa ukuthi. . .Bukani ukuthi Wayebukeka kanjani ebusweni baKhe, Wayengaxhuxhumi nakancane, Wayazi ncamashi ukuthi ufanele enzeni. Niyakhumbula, Wasitshela ukuthi Wenza lokho uBaba aMbonisa khona. Futhi nango Emile, ngenkathi amakhulu futhi. . .amadoda ayizinkulungwane ezinhlanu nabesifazane nabantwana, belambile, behambe usuku lonke bengenakudla, othulini, ukuzwa nje iZwi noma amabili ezindebeni zaKhe eziyigugu, ekhathele, Wahlala

phezu kwedwala, futhi umfana omncane wayelove esikoleni ngaphandle kwemvume," uyazi, ukungayi esikoleni ngaphandle kwencazelo "wayeseya kodoba. Futhi wezwa uJesu, futhi wadlula, nguye owayenesidlo sasemini."

54 Manje lalelani, bafana abancane, maNdiya amancane, nabantu abamhlophe, noma ngabe niyini, niyabo, lowomfanyana wayenamabhisikidi amahlanu amancane nophisi ababili b bezinhlanzi. Kwakungekuningi kakhulu kuye, inqobo nje uma kwakusesandleni sakhe, kodwa lapho enika uJesu lokho okuncane ayenakho, kondla izinkulungwane ezinhlanu. Niyabo, asinakho okuningi kakhulu, kodwa lokho okuncane esinakho, uma nje sizoMnika khona, Uzokuphindaphinda, niyabo, futhi akwenze kwenze izinto ezinkulu. Ukukholwa okuncane onakho, kubeke kuYe bese uthi, "Nakhu konke enginakho, Nkosi, kodwa ngizokholwa ngalokho." Bhekisisani ukuthi Uzokwenzani ngakho. Bheka nje ukuthi kwenzekani, hlala nakho ngqo. Mbuke ekuletha nxazonke kuwo wonke amajika, futhi akulethe ngqo esithembisweni lapho Asenza khona. Yebo, Uyayazi indlela.

55 Manje, "Futhi ngenkathi ngiMbona ondla lezo zinkulungwane ezinhlanu, emi lapho ethule nje, wahlephula lesosinkwa, ngase ngigibela ngazungeza, ngase ngigibela edwaleni, ngabuka phezu kwehlombe laKhe ukubona ukuthi Wayekwenza kanjani. Wasibamba leso sinkwa, Wasihlephula, wasinikeza omunye, futhi ngenkathi Efinyelela emuva, naso saba khona futhi."

56 Ngifuna ukukubuza okuthize, mfowethu, ososayensi, nanoma ubani onga-. . .Hlobo luni lwe-athomu Aludedela na? Ngaso sonke isikhathi, hhayi ukolweni nobisi kuphela, okungena esinkweni, kodwa sase sikhulile vele, sibhakiwe, futhi silungele ukuphakwa. Ngaso sonke isikhathi lapho Efinyelelisa isandla saKhe kuso, sasilapho-ke. Wasidabula leso esigcwele, wasinikezela, wabuyela emuva, kwakungesigcwele esisha futhi. Wayelokhu esihlephula, esinikezela kanjalo, futhi ngaso sonke isikhathi Ecosha lezi zinhlanzi, inhlanzi encane, izinhlanzi ezincanyanyana, besingazibiza kanjalo, inhlanzi encane i-heringi mhlawumbe, cishe ubude kangako, futhi Wayeyiphekile. Ngakho Wavele nje Wahlephula ingxenye yayo, wayinikezela, futhi webuyela emuva, futhi kwakukhona enye inhlanzi encane iheringi esivele iphekiwe. Amen. O, he! Manje, lelo yiqiniso, iBhayibheli lasho njalo. Kwakulapho-ke. Wayikhulisa leyonhlanzi encane iheringi, wayikhuluphalisa, futhi wayibilisa, futhi wayibhaka, futhi wayilungiselela. Kungengaphezu kokuthi Afinyelelise isandla saKhe emuva, ayihlephule futhi, futhi wafinyelela emuva, naleyo nhlanzi encane iheringi yayilokhu ikhula nje, eyihlephula nje kanjalo. Futhi njalo lapho Ethola ibhisikidi, Wayevele athi, "Nakhu," namabhisikidi aphinde akhule. "Nakhu la ukhona, nakhu la

ukhona."

57 "Futhi ngema lapho," kusho uJohane osemncane, "futhi inhliziyo yami yagxuma phakathi kwami, ngoba ngiyazi kulolo hlaka oluncane kwakunguJehova. UNkulunkulu wayephakathi lapho, ngoba lowo nguNkulunkulu ofanayo umama wami ayevame ukungitshela ngaye, Owayengadala isinkwa emazulwini, futhi nangu U—Usemhlabeni wenza okufanayo." Amen. O!

58 Futhi waqala ukumemeza. U-Andreya wathi, "Awume umzuzu, Johane. Unyakazisa isikebhe, uzosilahla sonke ngaphandle lapha. Ungaxhuxhumi kangako." Wayegxumagxuma nje, empongoloza, "Udumo kuNkulunkulu!" Futhi wathi, "Hlala phansi, Johane. Usesikebheni, uzogumbuqela."

59 NoSimoni, ehlezi lapho ejuluka ngaphansi kwesiphika, "Phuthuma, Johane, ngifanele ngisho okuthile." O, he! Niyazi, yileyondlela esenza ngayo emhlanganweni wobufakazi. "O, bengifisa sengathi ubengesho okuningi kangako. Bengifisa engathi ubengahlala anganyakazi. Uma ngingasho nje okuthize. . . " Yilokho. . .O, kuyaphuphuma nje, niyazi. IBhayibheli lathi kuyoba yimithombo yamanzi, ephuphumayo. Amen. Awukwazi nje ukukubamba kunganyakazi.

60 UJesu watshela owesifazane emthonjeni, amanzi aWanikezayo ayeyoba imithombo ephuphumayo. Whewu, he! Futhi ngiyanitshela, emva kokubona lowomhlangano ngalolosuku, bonke babephuphuma phandle lapho kulololwandle.

61 NoJohane omncane ekugcineni kwadingeka ahlale phansi, ngoba uSimoni omkhulu wasukuma. Wathi, "Niyazi, u-Andreya, umfowethu lapha, manje, wahlala wanganyakaza, ngenkathi u-Andreya efika engitshela ngokuthi, wayefumene uMesiya, Angizange ngizikholelwe izinto ezinjalo, ngoba ngangingumfundi weBhayibheli, ngiyazi ukuthi iBhayibheli lalithini. Ngakho, ngolunye usuku yena. . .emva kokuba sesigeze amanetha ethu futhi sangena, ngayiswa eBukhoneni bukaJesu. Futhi ngiyakhumbula, ngolunye usuku, ngenkathi ubabayi wami omdala. . .Nonke niyamazi, o, umFarisi, ikholwa langempela lokuqina. Sasiphelelwe ukudla, sasingenalutho esasingaludla. Futhi sasingabadobi, sasihlala ngasolwandle. Futhi ubaba wethu wayesifundise ukudoba, olwandle, ukuze siziphilise, wayesikhulisa thina bafana ngokwethembeka, nokwenza okwakulungile. Futhi ngiyambona ubabayi wami omdala nalezozinwele ezimpunga zilenga phansi.

62 "Futhi lapho sihamba ngalolo suku. . .Futhi umama wayesedlulele eNkazimulweni, futhi nje u-Andreya, kanye nami, nobabayi. Futhi sasikweleta ezinye izikweletu, futhi ngalokho kusa ngaphambi kokuba sihambe, o, ngiyambona nje

ubabayi wami omdala eguqa eduze kwaleso sikebhe, futhi uthi, 'Jehova oMkhulu, Wena wathi, "Ungakweleti muntu lutho," futhi nginesikweletu. Angikwazanga ukubamba noma iyiphi inhlanzi. Akekho noyedwa kwabanye ogwini lapha obamba noma iyiphi inhlanzi, azigijimi nje. Kodwa, Nkulunkulu, Wena unguMdali, ngidinga izinhlanzi kabi kabi, ngeke yini ungisize namuhla ukuba ngibambe inhlanzi na?' Futhi ngalolo suku sabamba inqwaba emangalisayo yezinhlanzi.

63 "Futhi ngenkathi singena, futhi sasigeza amanetha ethu, ngikhumbula ubaba ehlezi futhi engigaxa ngengalo yakhe, futhi ethi, 'Simoni, mfanyana wami, ubabayi useyaguga, ngizodingeka ngihambe ngijoyine abantu bakithi maduze impela nje. Impilo yami yonke, bafana. . .Woza lapha, Andreya, futhi uhlale edolweni lami. Impilo yami yonke bengikholelwa ukuthi ngiyombona uMesiya. Ngakholwa ukuthi ngiyombona uKristu, bonke abantu bakithi abebemlindile, kulezinkulungwane zeminyaka, futhi akungabazeki, kodwa manje, ngeke ngiMbone, ngoba izinsuku zami sezizophela, kodwa nina bafana ningaMbona. Manje, angifuni ukuthi nixoveke nonke futhi ningabi nalwazi ngenkambiso yesimanje yomhlaba, kodwa ngifuna nina bafana nikhumbule ukuthi lapho uMesiya efika, lapho Efika, khumbula umBhalo uthi Uzoba ngumprofethi onjengoMose.'

"Futhi ngiyamkhumbula ubabayi wami omdala, ngiyakhumbula ngenkathi simlahla."

U-Andreya enqekuzisa ikhanda, "Kunjalo."

64 "Futhi ngenkathi mina no-Andreya sikhuphuka phambi kukaJesu, Wangibuka Wathi, 'Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona.' O," wathi, "lokho kwakuxazulula ingunaphakade, khona lapho! Ngazi ukuthi Lowo kwakuyi*lowo*Mprofethi, ngoba Wayengangazi nje kuphela, kodwa Wayazi ukuthi lowo baba wami omesabayo uNkulunkulu, omdala wayengiyalile ukuthi ngikholwe njalo iZwi likaNkulunkulu, futhi lowoMesiya wayeyoba ngumProfethi. Wamazi naye, lokho kwakuxazulula kimi."

65 Futhi kunjalo, ngaleso sikhathi uFiliphu wayeqalaza kuNathanayeli, ukuhleka nje, uyazi, wathi, "Ingabe kunjalo, Nathanayeli na?"

Wathi, "Qhubeka, Mfowethu Filiphu."

"Awu, niyazi ngenkathi ngikubona lokho kwenziwa, ngagijima ngazungeza igquma ukuyolanda uNathanayeli, ngaleya. Futhi kuthiwani ngakho, Nathanayeli na?"

Wathi, "Ake ngikuxoxe! Ake ngikuxoxe!"

"Awu, ungasiyendezelisi isikebhe. Hlala unganyakazi."

66 Wasukuma, waphakama wase eqala ukukhuluma, niyazi. Wathi, "Awu, bengihlala njalo. . .Mina noFiliphu sasitadishe

imiBhalo, futhi sazi ukuthi—ukuthi ibandla lesimanje lalingenawo umkhuba wakho, izindlela ende, ngoba babebheke *izinga* elithile eliphuma eZulwini. Futhi babengakukholwa ukuthi—ukuthi uNkulunkulu wayeza, kodwa sakholwa ukuthi uNkulunkulu wayezoba nguMuntu."

67 Bekufanele kushaqise. Ngenkathi uNkulunkulu eguqula indawo ayidlalayo yaKhe, ngenkathi uNkulunkulu eba ngoMunye wethu ukuze asisindise, Wadingeka ukuba... ETestamenteni eLidala, wawufanele, ngaphambi kokuba ukwazi ukuhlenga, wawufanele ube umhlengi oyisihlobo somndeni. Indaba kaRuthe ikuletha kahle. Niyabo? Wayefanele abe yisihlobo somndeni, noNkulunkulu wadingeka abe iZihlobo kithi, abe ngoMunye wethu. Cabanga ngoJehova uNkulunkulu emkhombeni ekhala njengengane, cabanga ngaYe edlala njengoMfana, cabanga ngaYe akha indlu ngayo yona impela imithi yamupulangwe Ayidala. Amen.

68 Babekholwa ukuthi Wayezoba nguye, futhi Wayezoba yilowomProfethi omkhulu. Futhi uNathanayeli wathi, "Ngenkathi ngikhuphukela ebusweni beNkosi uJesu, ngithi ukuba nokunqikaza kancane ngalokho uFiliphu angitshela khona, futhi uFiliphu wangitshela, wathi, 'Ngani, Angase akutshele ngisho nokuthi ungubani lapho ufika lapho, bekungeke kungimangaze.'" Kodwa wathi, "Lapho ngikhuphukela ebusweni baKhe, Wathi, 'Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye!' Futhi ngathi kuYe, 'Rabi, Wake wangazi nini na?' Wathi, 'Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, lapho ungaphansi kwesihlahla, ngakubona.' Kwakuxazulula lokho.

69 "Futhi niyazi ukuthi ngenzani, bazalwane na? Ubulapho. Ngagijima ngaqonda phezulu, ngase ngiwa phansi ezinyaweni zaKhe, ngase ngithi, 'Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli.' Futhi nakho kumi umelusi wami ngaleya...eqhunyiswa njengexoxo ithodi, ehlezi ngaleya engibuka, kodwa akwenzanga mehluko ngaleso sikhathi, ngoba ngangiyibonile into yangempela. Ngigijima ngenyuka ngqo noma kanjani futhi ngakukholwa," wathi, "ngoba ngangazi ukuthi iBhayibheli lathi yilokho impela Ayezokwenza."

70 O, besingakwazi yini ukuqala umhlangano wobufakazi kulobubusuku na? Lokho uNkulunkulu athi Uzokwenza ngezinsuku zokugcina, siyakubona kwenziwa. Amen. Akwenzi mehluko okushiwo omunye umuntu. Uma befuna ukuba yiPresbyterian, iSheshi, kumbe noma yini abafuna ukuba yikho, lokho kulungile, lokho kukubo. Kodwa sibone into ethize, sibone umBhalo ngezinsuku zokugcina lokho Ayezokwenza, futhi siyaMbhekisisa ethulula uMoya waKhe phezu kwendawo. Haleluya! Futhi nibone izibonakaliso nezimanga zifezeka, sibone bona kanye uBukhona bukaKristu ophilayo ezibonakalisa Yena uqobo. Futhi manje, phansi

kudabule emBhalweni, lapho Akhombisa khona isibonakaliso saKhe sokugcina esizukulwaneni, okwasiqeda. Futhi lapha sibona isibonakaliso sokugcina sesizukulwane, njengoba Asho, ngesikhathi sokuhlwa, sizokwenzeka.

71 Manje. O, kufanele ukuthi babenobangempela ubufaka-. . . U-Andreya wathi, "Bazalwane, ngingalisho nje izwi na? Ngingathanda ukusho okuthile. Niyasikhumbula isikhathi esenyukela ngaso eSikari, futhi sathunyelwa, emzini, ukuyothenga ukudla na? Futhi lapho sibuya. . .INkosi yethu yayingafuni ukungena nathi emzini, kodwa Yahlala futhi yaphumula. Futhi lapho sesibuya, sezwa othile ekhuluma, sathi nyelele ngemuva kwehlathi, sabheka phezulu phezu kwehlathi, futhi kwakukhona owesifazane onegama elibi, owesifazane omubi, isifebe, ekhuluma neNkosi yethu. Niyakhumbula ukuthi sasimangele kanjani na? Sasicabanga, 'Owesifazane onjalo, ekhuluma neNkosi yethu na? Mbhekisiseni emthethisa, Mbhekisiseni emxosha eBukhoneni baKhe.'" Yilokho abasakucabanga. Akakwenzi lokho.

72 "Kodwa sithola ukuthi Wamcela umusa. Wathi, 'Ngiphuzise.' Awu, siyazi ukuthi akekho urabi, noma akekho kubaFarisi bethu owayengacela owesifazane onjalo ukuba amenzele noma yini. Kodwa nansi iNkosi yethu, uNkulunkulu wendalo, ehlezi lapha emzimbeni wenyama futhi ecela owesifazane onodumo olubi ukuba aMphuzise, aMenzele inkonzo." Amen.

73 Yilokho okuMenza uNkulunkulu kimi, ngoba Wazithoba. UNkulunkulu uyintobeko, ungakukhohlwa neze lokho. Intobeko nguNkulunkulu. Ungalokothi uziqhenye, intobeko njalo.

74 "Futhi saMlalela. Sasicabanga, 'Impela ngomzuzu nje uzothatha induku amxoshele ezansi, umuzi wakubo.' Kodwa Wathi, 'Ngiphuzise,' futhi i. . .baqala ukukhuluma ngenkolo. Wathi, 'Sikhuleka kulentaba; usho eJerusalema,' kanjalonjalo, futhi Wakhuluma naye isikhashana. Kwathi emva kwesikhashana, Wathi kuye, 'Hamba, ulande indoda yakho, nize lapha.' Futhi waphenduka wathi, 'Anginandoda.' Niyakhumbula na?"

75 UMathewu wathi, "Yebo, ngiyakhumbula." Nguye okubhalile, niyazi. Wathi, "O, yebo, ngi—ngiyakukhumbula, inhliziyo yami yahluleka. Ngacabanga, 'He, he! E-hhe! Nanso iNkosi yethu inephutha kanye.' Niyabo? Ngoba Wamtshela ukuthi wayenendoda, ahambe ayolanda indoda yakhe, futhi wathi, 'Anginandoda.' Futhi khona-ke Uyaphenduka wayesethi, 'Ukhulume iqiniso.' Khona-ke sonke sakhungatheka. Lapha Uthi, 'Hamba, ulande indoda yakho,' owesifazane wathi, 'Anginandoda,' Wathi, 'Kunjalo.'

Bhekani. "Hamba uyolanda indoda yakho."

"Anginandoda."

"Uqinisile."

76 Manje, "O, sonke samangala, futhi izinhliziyo zethu zishaya, futhi sasukuma phezu kwehlathi emva kwaKhe ukubona ukuthi Wayezothini ngokulandelayo. O, Wayenephutha! Wathi, 'Anginandoda,' nokho sasiMkholwa ukuthi unguMesiya. Leso sibonakaliso esikhulu sikaMesiya sasingaba nephutha kanjani na? Futhi sasazi ukuthi WayenguMesiya, ngoba Wenza isibonakaliso sikaMesiya. Ngakho-ke thina. . . " UMesiya unguNkulunkulu, ogcotshiweyo, nogcotshiweyo yiZwi, neZwi labonakaliswa. Niyabo? "Siyazi ukuthi WayenguMesiya. Futhi nangu Wayekhona, ngaso sonke isikhathi lapho sishaya kodwa ngalesi sikhathi, kodwa manje sase sigejiwe, ngoba Wathi kowesifazane osemncane, 'Hamba, ulande indoda yakho,' owesifazane wathi, 'Anginayo.' Wathi, 'Ukhulume iqiniso. Usho kahle, ngoba usube namahlanu, futhi lena ohlala nayo manje akusiyona eyakho.'" O!

77 "Futhi sikuqaphelile ukuthi lowo wesifazane wathini. Waphenduka namehlo ethukile, futhi wathi, 'Mnumzane, ngiyabona ukuthi ungumProfethi Wena.'" Manje, lokho, ngempela, kwi-King James kuhunyushwe ngokungesikho. Kulungile, kulungile kanjalo. Kepha uma uzofunda amagama asemphethweni akho kulokho, futhi ukuyise emuva esiGrekini sasekuqaleni, neziningi zezazi lapha zakufunda, kwathi, "Wena uyi*lowo* Mprofethi." Niyabo? Lokho ukufunda amagama asemphethweni, "Wena uyi*lowo* Mprofethi." "'Ngiyabona ukuthi Wena uyi*lowo* Mprofethi. Manje siyazi ukuthi lapho uMesiya efika, othiwa nguKristu,'" *lowo* Mprofethi, uMesiya, noKristu, bonke uMuntu ofanayo, "'nxa Esefikile Uzakusitshela zonke lezizinto.'

"Futhi uJesu wathi, 'NginguYe okhuluma nawe.'

78 "Futhi lowo wesifazane wagijima wangena emzini wase eqala ukutshela wonke amadoda, 'Wozani nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile,'" manje, bhekani, "'ungitshela izinto engizenzile. Akuyena yini yena kanye uMesiya lowo na?' Futhi niyazi, sonke sangena emzini ukuyothola ukuthi kwenzekeni, futhi wonke amadoda kulowo muzi akholwa ubufakazi bowesifazane. O, kwakuyisikhathi esikhulu!"

79 Ngaleso sikhathi uMathewu wathi, "Linda . . . " noma wathi, "Linda umzuzu. Ngifuna . . . Kukhona engifuna ukukusho. Ake ngifakaze ngokushesha impela." Kwase kuthi ukuba leyithi kancane, niyazi. "Ake ngifakaze." Wathi, "Niyasikhumbula leso sikhathi lapho udadewethu, uRebeka . . . Wayehlala eJeriko. NeNkosi yethu yehlela ukuba—ukuba idle isidlo sasemini eJeriko, futhi sangena emzini. Futhi niyakhumbula uRebekah efakaza na? O, uyakhumbula, wayecele kuyo yonke imihlangano, 'Khulekani ukuthi umyeni wami asindiswe. Khulekani, umyeni wami uzosindiswa.' Igama lakhe kwakunguZakewu, umfo omncane." Wayengusomabhizinisi. Ake sikholwe ukuthi uphethe indawo othenga udlele kuyo, futhi wayenokuma okugongobele

okuyinqwaba, ukuncintisana, njalo, futhi wayecasuke ngempela ngoba uJesu wayezodla kwenye indawo, njengoba indawo yakhe yayingekahle ngokwanele.

80 "Futhi uRebheka wakhuleka njalo njalo. Wathi, 'Zakewu, u—ungase ube nezimbangi eziningi, futhi ungase uzwane noRabi Levinski, umpristi, urabi ofika adle nawe,'" eKiwanis Club, noma ngabe yini. "'Kungenzeka ukuthi uyazwana naye, kodwa ake ngikutshele okuthile, loMuntu unguMprofethi. Futhi Yena . . .'

81 "'Ngani, uyazi ukuthi urabi wethu wangitshelani na? Ukuthi asikaze sibe nomprofethi kusukela eminyakeni engamakhulu amane edlule, kusukela uMalaki wayengumprofethi wethu wokugcina. Futhi ungitshele ukuthi lowoMfo, owazalelwa ezansi lapho ngasolwandle, elinye lalawo maqhugwana amancane, ndawondawo ezansi lapho, uyoke abe ngumProfethi na? Aw, Rebe- . . .'" [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

82 "Sasazi ukuthi uma eke wahlala phansi wakhuluma noJesu, wayeyoneliseka." Futhi lokho kuyinto efanayo namuhla. Uma nje ungahlala phansi, ukhulume naYe imizuzu embalwa, uzokwazi. "Ngakho, niyakhumbula ukuthi uRebeka wasitshelani na? Manje, ngizophinda ubufakazi bukaRebeka," kusho uMathewu.

83 "Manje, niyazi, ubusuku bonke gulukunqu uZakewu omncane wayengahlaliseki." Niyazi, lapho ufika ekukhulekeleni umfo, uthi ukuba sesimweni esibi. Uma ufuna othile asindiswe, noma okuthize kwenziwe, qala nje ukubakhulekela. Yingakho singakwenzi . . . Umkhuleko uyinto enkulu kunazo zonke eyake yabekwa ezandleni zomuntu; umkhuleko uze ushintshe uNkulunkulu. UNkulunkulu wamemezela ukufa kumuntu ngesinye isikhathi, wabhekisa ubuso bakhe odongeni wakhuleka, uNkulunkulu wamgcina iminyaka eyishumi nanhlanu kade. Kunjalo. Iqiniso.

84 "Ngakho sithola ukuthi omdala uRebekah omncane wayekhuleka ngaso sonke isikhathi. Futhi ngalobo busuku akakwazanga ukulala. Wayepopola, wathi . . . UZakewu wayengahlaliseki. Wathi, 'Nkosi, ngiyazi ukuthi Usebenzana naye, ngiyazi ukuthi Usebenzana naye. Manje, uJesu, umProfethi, uza edolobheni kulomhlangano, ezansi lapha, futhi ngifuna aMbone kabi kabi. Nkosi, Wena yenza indlela manje. Menze abe lusizi; vele umenze ukuze angakwazi ukulala.'

"Wayelapho-ke, wayengakwazi ukulala. Ngakho, kulungile, lokho kuhle. Ngakho, ngakusasa ekuseni . . . Wayengalele ubuthongo, elele ekhuleka ubusuku bonke gulukunqu."

85 Futhi uma ufuna umyeni wakho asindiswe manje, yenza into efanayo uRebeka ayenza, qala nje umkhulekele. Futhi niyazi, phandle lapho kulololwandle ngenkathi ephandle lapho edoba, noma ezansi lapho ebhizinisini, uzoba ngaphansi kokulahlwa

ngecala akakwazi ngisho nokulala. Yebo, mnumzane. Kunjalo. Uthola nje. . .Futhi uma ufuna umkakho asindiswe, yenza into efanayo, futhi uzosuka kuwo wonke amaphathi ekhadi nakho konke okunye ayingxenye yawo. Akakwazi nje ukuzibamba kukho. Ngokuqinisekile uzokwenza. Yebo, mnumzane. O, kunamandla amakhulu nje emkhulekweni!

86 "Futhi wathi wakhuleka, kwase kuthi-ke cishe ekuseni walala. Wavuka khona lapho, kancanyana ngaphambi kosuku, uZakewu wayesevele evukile, wazilungisa ezimpahleni zakhe ezinhle kunazo zonke, wayesethi, 'Ngiyabonga, Nkosi. Ngiyazi, ngiyazi ukuthi Usebenzana naye.' Futhi ngakho waphenduka, wathi, 'O, s'thandwa, yini ekuvuse ekuseni kangaka na?'

87 "'O,' wathi, 'lutho. Ngivele ngacabanga ukuthi ngizophuma ngishawe umoya omnansi kancane.'" Uyazi ukuthi ungathola kanjani zonke izinhlobo, izaba, niyabo. "'Ngikholwa ukuthi ngizovele ngiphume ngithole isigejane somoya omnandi. Uyazi, kuthi ukuminyana ekamelweni.'

88 "'Awu,' wacabanga, 'sishade iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, futhi akakaze akwenze ngaphambilini, ngakho kufanele ukuthi kukhona okungalungile manje. Ngakho, siyakwazi lokho. . .Futhi uJesu ufanele ukuba lapha kakhulu noma nini, ngakho ngizovele ngenze sengathi anginandaba. Kodwa akakholwa ukuthi uJesu ungumProfethi, ngakho uma engase aneliseke ukuthi wayengumProfethi, khona-ke Uyolazi iZwi leNkosi, ngoba ungumJuda, futhi uyazi iZwi liza kumprofethi. Ngakho uyazi ukuthi Wayeyoba neZwi leNkosi.'

89 "Ngakho wambheka, futhi wazilungisa ngokuhle okukwedlula konke okwakhe, futhi wakama intshebe yakhe, futhi walungisa izinwele zakhe zahlehla, futhi wafaka umshuqulo wakhe omuhle kunayo yonke. Futhi uyahamba ehla ngomgwaqo, ebheka emuva ukuze abone ukuthi uRebeka uyabuka yini, futhi uphesheya kwelinye ifasitela, elunguza ngemva kwehele *kanje*, ebona ukuthi wenzani. Waguqa ngamadolo wayesethi, 'NgiyaKubonga, Nkosi, ngiyaKubonga. Uqonde ngqo phansi ukuze akubone. Ngiyazi ukuthi Uzowuphendula umkhuleko wami.'" Yileyondlela ofanele ukholwe ngayo, uNkulunkulu uzokwenzela khona.

90 "Ngakho-ke, uyahamba aphume, niyazi, futhi ehle ngesitaladi, futhi uyaqalaza. Manje, uma ezokwenza, uyokwenyukela *ngapha* ngaphansi kwezihlahla, kodwa esikhundleni salokho, wehla ngqo ngasesangweni laseningizimu lapho uJesu angena khona. Niyabo?

91 "Futhi wehlela lapho, wacabanga, 'Ngizofika ezansi lapho kusenesikhathi,' wakhuluma yedwa, efakaza kamuva, 'Ngizokwehlela lapho kusenesikhathi, futhi ngizobona lona lapha umprofethi wamanga, *okuthiwa* uMprofethi waseGalile. Ngenkathi Efika, ngizoMtshela ezakhe.'" A-hha. Aniqondi,

niyabo, lapho sebecasuka ngempela, khumbulani nje ukuthi uNkulunkulu usasebenza, niyabo, Uyazi ukuthi kwenziwa kanjani.

92 "Ngakho uyazi uk'thini? Ngenkathi efika ezansi lapho, isitaladi sase sivele sigcwele abantu, babekade belapho ubusuku bonke beMlindile." Niyazi, naYe wayenabangane. "Futhi wehlela lapho futhi wayemncane kakhulu, angahle ukuthi wayemkhulu ebandleni lakhe uqobo, kodwa wayengenye nje indoda kulelo."

93 Niyazi, ngiyayithanda le nkolo yakudala, izokwenza isudi yedina kanye ne-ovaloni bagaxane bese bethi, "Mfowethu!" Izokwenza ingubo kakaliko kanye ne—kanye ne—ekasilika zigaxane, zithi, "Dadewethu!" Ayikhethi bala lamuntu, ungomunye nje umuntu. Akunandaba ukuthi unani, noma ungubani, ungomunye nje umuntu. Akukho somaqhuzu phakathi kwethu, sonke singabantwana bakaNkulunkulu. Kunjalo. E-hhe. O, he!

94 "Futhi nangu efika ezansi lapho, futhi wacabanga, 'Lapho bengibona, Zakewu, umthengisi omkhulu walomuzi uhamba phansi, bonke bazoqhela eceleni, futhi bathi, "Wena omkhulu, mnumzane,"' kodwa bathola ukuthi wayengomunye nje umuntu. Futhi wafika lapho, wayemncane kakhulu phakathi kwabo, yena...akekho...akakwazanga ukumbona uJesu. Wathi, 'Uyazi uk'thini? Manje, lokhu...Uyangena...Lona nguMgwaqo iNkazimulo, manje, Ubophezelekile ukuwela iKhrosi uHaleluya phezulu lapho, akhuphuke ngomgwaqo othiwa uMgwaqo uHaleluya.'"

95 Uhlala njalo ehamba kuleyomigwaqo, uNkazimulo, noHaleluya, no-Amen, noMakabongwe uNkulunkulu. Uhlala njalo ehamba leyo migwaqo, avele ame ngalapho, uzokuthola emva kwesikhashana.

96 "Futhi ugijima ekhuphuka ngesitaladi ngokushesha impela, ngamandla akhe onke, futhi wakhuphukela kuMgwaqo uHaleluya. Futhi wathi, 'Manje, ngizoma khona lapha, ngaphandle ngqo ekhoneni.' Futhi kwenzeka wacabanga, uyazi, 'Kukhona abezindaba abangako, futhi umthamo uyanda ngaso sonke isikhathi, futhi ngesikhathi Efika phezulu lapha, bayovele bahambe phezu kwami ngqo. Ngakho uyazi ukuthi ngikholwa ukuthi ngizokwenzani na? Ngizokholwa ukuthi ngizokhwela kulesi sihlahla somthombe lapha, khona-ke ngizoMbona kahle.'

97 "Ngakho wagxuma, mfishane kakhulu, akakwazanga ukubamba ingatsha. Ngakho, wabheka ngaleya, futhi umqoqi wezibi wedolobha wayengakawutholi udoti. Ngakho uyasondela, futhi abambe umgqomo kadoti, futhi nangu eza." O, uyazi, uma uzimisele ukubona uJesu, Uyokwenza wenze izinto obungacabangi ukuthi uyoke uzenze. "O, he!

Nangu, usomabhizinisi womuzi, epakisha umgqomo kadoti... umgqomo.

98 "Futhi ngesikhathi ephuma lapho, imbangi yakhe yambona." Angazi noma umuntu othize ohlezi lapha kulobubusuku udaluliwe kanjalo, nje, o, udaluliwe. Angazi noma kungaba njalo, ehlezi lapho. "O, he! Ngangingafuni muntu ukuthi angibone phakathi lapha." Kodwa niyazi, Wazi khona lapho okhona.

99 "Futhi ngakho-ke wabe esebeka ikani elincane phansi, futhi imbangi ithi, 'O, ngiyabona ukuthi useshintshe isikhundla sakhe, ekubeni umthengisi, manje, ungumqoqi kadoti womuzi.'

100 "Futhi ngakho akazange anake, ubuso bakhe obuncane bubomvu, kodwa wayezimisele ukubona uJesu. Niyabo? Wayefuna ukuMbheka, wayengakholwa ukuthi Wayengumprofethi. Futhi uma Wayengesuye umprofethi, wayehla khona lapho futhi aMtshele ngempela ngakho, yilokho kuphela. Ngizothi, 'Awu, ungumkhohlisi, bekungafanele ube kulomuzi.'"

101 "Ngakho-ke wama phezu komgqomo kadoti futhi ukotela esihl-..." E-o. Anilisebenzisi lelo gama lapha *ukukotela* na? Qhabo. Lokho okwaseningizimu...Lokho kusho ukuthi "khwela esihlahleni," niyazi, sibambe ngamadolo. Sikubiza ngoku *kotela* (ezansi lapho) phezulu esihlahleni. "Wakhuphuka esihlahleni, wase efika phezulu lapho, futhi wathola lapho amagatsha amabili eshayisana *kanje*, wayesehlala phezu kwawo womabili." Yilapho sifika khona sonke, lapho kuhlangana khona izindlela ezimbili: eyakho nekaNkulunkulu; yilapho wenza khona isinqumo sakho.

102 "Wahlala phezulu lapho, bheka, ezilungisile kakhulu, ehuhuluza udoti kuye, ecosha izingcezu ezandleni zakhe. Yeka amahliphihliphi! Kodwa wayefuna ukubona uJesu."

103 Kuzokwenza ukuthi ungene emahliphihliphini. Yilokho okuyinkinga ngabantu namuhla, abakuthandi ukuzalwa okusha, bazama ukukwenza kube ngenye into. Bafuna ukuxhawula, bathi, "Ngiyakholwa kuNkulunkulu uSomandla, uBaba. Ngiyakholwa eBandleni elingcwele lamaRoma aKatolika, ukuhlanganyela kwabangcwele, futhi—futhi ngiMthatha njengoMsindisi wami. Ngizelwe ngokusha." E-e. Qhabo, qhabo. Qhabo. Lalela, mfowethu, ukuzalwa okusha kungaphezu kwalokho. Lalela, ngifuna, ngikutshele okuthile, noma yikuphi ukuzalwa kungamahliphihliphi, Angikhathali noma kusesibayeni sezingulube, noma kusegumbini lasesibhedlela, noma yikuphi ukuzalwa kungamahliphihliphi. Futhi ake ngikutshele, ukuzalwa okusha akulutho, kungamahliphihliphi, uzoklabalasa, futhi ubhonge, futhi ugeze wonke upende ebusweni bakho ngezinyembezi, kodwa u—uzofanele ufe, kodwa kuletha ukuPhila okusha. Leyo yinto esemqoka, izoletha

ukuPhila okusha, futhi uyoba yisidalwa esehlukile. Kuzokwenza amahliphihliphi ngawe, kodwa u—ufanele ukwenze lokho ukuze uzalwe ngokusha, ufanele ube mahliphihliphi, niyabo, kodwa kuzoletha ukuPhila okusha.

104 "Futhi nangu wayehlezi phezulu lapho, ehuhuluza i, esusa kuye. Futhi niyazi, wathi, 'Manje, uRebeka wangitshela. . .' Futhi wayesekhaya, egxuma phansi phezulu, ethi, 'Nkulunkulu, ngiyazi ukuthi Uyawuphendula umkhuleko. Haleluya! Uzokuthola namuhla, yilokho kuphela okukhona kukho, ngoba akabuyanga. Ubeyohamba ngaphandle eceleni komgwaqo futhi abuyele ngaphakathi uma ubefuna umoya omncane omnandi, kodwa uhambe ngamandla akhe onke, futhi ngimbonile ephuma ebheke ngakuMgwaqo uHaleluya ngamandla akhe onke. Ngiyazi, Nkosi. NgiyaKubonga kakade, phendula umkhuleko.'

105 "Khona-ke, kwenzekani na? Khona-ke nakhu kuhlezi uZakewu omncane phezulu lapho, wayesethi, 'Uyazi, uRebeka wathi WayengumProfethi. Manje, omunye angangibona phezulu lapha, futhi angikhombe kuYe, ngaphambi kokuba ngithole ithuba elihle lokuMtshela lokho engikucabangayo ngaYe.' Ngakho weluleka ngalapho, wathola amagatsha, wase ewadonsa nxazonke ngakuye, wase ezifihla, wahlala emuva e. . .niyazi, njengegwababa elihlezi emuva e—esihlahleni. Waba semuva lapho wonke, wase ezifihla.

106 "Wayeneqabunga elilodwa elikhulu lomthombe *lapha*, walenza lelo ifasitela, wayekwazi ukuliphakamisa abuke, bese libuyela phansi. Niyabo? Futhi ngqo wawuzwa umsindo." Niyazi, kunento ethile eyinqaba, ngayo yonke indawo lapho uJesu aya khona, kunomsindo oyinqwaba. "Wezwa. . .Wathi, 'Awu, kumelwe ukuthi Uyeza, umsindo oyinqwaba.'

107 "Futhi emva kwesikhashana, nangu Ejika ekhoneni, futhi lapho Ejika ekhoneni, ubheka, izixuku zimzungezile, amadoda amane noma amahlanu evimbela abantu kuYe, futhi Uhamba ngasekhoneni. Wathi, 'Lowomfo omncanyanyana?'"

108 Niyazi, iBhayibheli lathi, "Abukho ubuhle, ukuba simfise." Wayengabukeki njengenkosi ethize enkulu, noma umpristi, noma okuthize, Wayethobekile, uMfo omncane, ehamba lapho ebhekise ikhanda laKhe phansi, ikhanda phansi, Wahamba wehla ngqo waze wafika ngaphansi kwesihlahla, futhi nangu uZakewu omdala ehlezi phezulu lapho, niyazi, ephakamisele phezulu leliqabunga, niyazi, ebuka *kanje*. Futhi cishe ngesikhathi ngqo Wafika ngaphansi kwesihlahla ikhanda laKhe libheke phansi, Wabheka phezulu lapho, Wathi, 'Zakewu, yehla; Ngiya nawe ekhaya okwesidlo sasemini.'" Udumo!

109 Ingabe WayengumProfethi na? Amen! Impela Wayenguye. Wayengazi kuphela ukuthi wayesesihlahleni, kodwa Wayazi ukuthi igama lakhe kwakunguZakewu. Amen. Udumo!

110 Kumelwe ukuba uNathanayeli wathi, "Umzuzwana nje. Niyasikhumbula lesosikhathi ngenkathi lowomFarisi omdala ehamba futhi waMcela ezansi ukuba adle naye isidlo sasemi na?"

"Ya."

111 "Abazange basimeme, futhi asikwazanga ukuza ngaphandle kwesimemo, kodwa Wahamba, futhi baMvumela ukuba ahlale lapho nezinyawo ezingageziwe. Khumbulani lowo wesifazane omdadlana wathatha udenariyu wakhe omncane wamaRoma futhi wehlela lapho, futhi wathenga lelobhokisi le-alabhasta, wayesenyonyobela phakathi lapho, futhi wayemi lapho ngasezinyaweni zaKhe, futhi—futhi nakho kwakuhlezi uJesu lapho nezinyawo ezingcolile." O, kuzwakala kuwukuthuka okungcwele ukukusho, kodwa bakwenzile.

112 Niyazi, uma ningena emakhaya abo lapho, into yokuqala abayenzayo, ba—bathatha insila yenkosi egezana izinyawo, manje, lowo ngumuntu okhokhelwa kancane kunabo bonke besigejane, insila yenkosi egezana izinyawo, iphumela lapho, kuthi lapho sekufika isivakashi, iphakamisa izinyawo zaso. Futhi ikhumula izimbadada zaso bese igeza izinyawo zaso, ngoba zazine. . .zazihamba emgwaqeni, nezilwane zazihamba kulomgwaqo, niyaqonda, lapho izilwane zazikhona, futhi—futhi zazingene othulini. Futhi—futhi lapho zihamba, zazigqoka ingubo ende, futhi yayicoshe lolothuli, futhi lwahlala ezithweni zabo nezinto. Futhi, o, ukunuka kwezilwane! Futhi ngakho ku—kwakunga—kwakungemnandi ukungena ekhaya.

113 Ngakho-ke babenensila yenkosi egezana izinyawo, yayiyindoda eholelwa kancane kunawo onke esigejaneni, futhi yayiphumela lapho, futhi igeze izinyawo zazo, bese-ke—bese-ke izenze zamukeleke, niyabo, ibagqokise izimbadada ezihlanzekile. Futhi uJesu waba iNsila yenkosi egezana izinyawo, umsebenzi ophansi kunayo yonke emhlabeni, futhi othile wehluleka ukugeza izinyawo zaKhe.

114 Bese-ke, into elandelayo abayenzayo, ilanga lasePalestine, leyo misebe eqondile yayishisa ngempela, ngakho yayishisa intamo nobuso babo, futhi babebanika amafutha okugcoba athile, futhi babewagcoba lapho, futhi bageza ubuso babo ngawo *kanjalo*, futhi kwaphola, ayenokupholisa, njenge-metholi. Futhi ayebanda, ayephuma ehlumeleni lembali abalithola phezulu le ezintabeni. Indlovukazi yaseSheba yaletha isigejane sawo ku-Israyeli lapho ekhuphuka ngosuku lukaSolomoni. Bese bewasula.

115 Bese-ke bona. . .Khona-ke into elandelayo, babanga izimenywa zabo—zabo bezamukela. (Woza lapha, mfowethu.) Nansi indlela ababekwenza ngayo, babethatha izandla zabo *kanje*, futhi lapho bengena, bamukelekile. Babethathana *kanje*, base-ke beshintshana izandla *kanje*, khona lapha, futhi *ngapha*,

futhi basakwenza, babange entanyeni, babenze bamukeleke. Niyabo? Babange bamukeleke.

116 "Awu, nangu uJesu ehlezi. Nango lo omdala, urabi omdala omkhulu, emi phezulu lapho, niyazi, nalo lonke iwayini lakhe, na—nakho konke ukudla kwakhe okuhle phandle lapho. Nabantu abampofu, babengakwazi ukuza, futhi, bahogele, babezwa lelophunga, iwundlu elibhakiwe, niyazi, futhi o, he, babefuna kanjani ukuza, kodwa abakwazanga ukuza. Liconsisa amathe!" O, laborabi, benza imali, futhi babekwazi ukufaka ukudla okukhulu. "Ngakho, noJesu wayesengenile, futhi bonke abanye bamukelekile, futhi Wayelushiyile uhlelo lwaKhe olumatasatasa ukuba eze, futhi abazange baMenze ngisho nokuba Amukeleke, baMyekela wahlala lapho engcolile.

117 "Futhi niyazi ukuthi uRabi Levinski omdala wathini lapho na? Wathi . . . Futhi lona wesifazane, wabuka laphaya, futhi weza futhi waMbona ehlezi laphaya, wathi, 'O, Ubani Lowo na? Uyazi ukuthi Ubani Lowo na?'

118 "Futhi omunye wathi, 'Lowo kufanele kube yilowomprofethi. Akasuye umprofethi, ukuthi uRabi uzofakazisa namuhla ukuthi akasuye umprofethi. Yilokho abamlethele khona ezansi lapha.'"

119 Ungakhumbula, lapho omunye walolo hlobo lwababafo bemema uJesu, unecilongo emkhonweni wakhe ndawo ndawo, unekhadi lapho ndawondawo. Wayengenamsebenzi, wayengenakusebenzelana noJesu, kwakuyinto ebungaza abantu noma okuthize. Ngakho wayenabo bonke abanye, abapristi ukuba bangene, wayezokhombisa ukuthi Wayengesuye umProfethi. Futhi ngakho, uJesu uyeza noma kanjani. Akunandaba ukuthi Yena ukangakanani . . . ukuthi wena uzama ukwenza okuthize ngakho, noma uzama ukuMkhombisa, uma niMmema, Uzofika, Uzigcina njalo izikhathi ezinqunyelwe Yena; Akahluleki neze.

120 "Ngakho Wayelapho-ke, Wahlala lapho ngalobobusuku . . . ngalolo suku. Futhi—futhi lo wesifazane omncane wathi, 'Uma Lowo kunguYe Lowo, Lowo yilowo Muntu, Ngiyakholwa ukuthi UngumProfethi, futhi kwaba nguYe owathethelela uMariya Magdalena, lowo wesifazane omubi njengami, mthethelela izono zakhe.'

121 "Wehla ngomuzi, washo wakhuphukela emhumeni omdadlana, futhi wenyuka ezitebhisini ezincane ezinsegezelayo emjondolo omdadlana, wafinyelela ezansi wase ekhipha imadlana ayeyiqoqile endleleni yakhe embi yokuphila. Wakhipha lesi, lesi sikhwama semali, wayesethi, 'Angikwazi ukukwenza. Yena, UnguMprofethi, futhi Ubeyokwazi ukuthi ngayithola kanjani lemali. Ubeyokwazi . . . Kodwa yikho kuphela engingakwenza, yikho konke enginakho, futhi ngifanele ngiMbone, ngiyisoni, ngifanele ngiMcele ukuba angithethelele.'

122 "Futhi washo wenyuka ngesitaladi waya wathenga ibhokisi lamafutha okugcoba e-alabhasta. Wangena ngokunyenya emhlanganweni; Angazi ukuthi wake wafika kanjani lapho, futhi wabheka, futhi nakho kuhlezi uJesu. Futhi lapho esefike kuYe, inhliziyo yakhe yaqala ukushaya lapho eMbheka. Futhi wawa phansi ngasezinyaweni zaKhe wase ebheka phezulu, futhi wayenesono kakhulu izinyembezi zaze zaqala ukugeleza ebusweni bakhe, egeza ezinyaweni zaKhe, niyazi. Futhi—futhi wayezokwenza . . . wayezama ukuzesula, wayesaba kakhulu ukuthi wayenza okuthile okungalungile. Wayezama ukuzesula, bese-ke ehamba *anga*, *anga*, futhi anga izinyawo zaKhe, futhi abheke phezulu, nezinyembezi zehla. Wayefinyelela futhi athole izinwele zakhe, futhi wayezesula kanjalo. Futhi wahlephula ibhokisi le-alabhasta, wayeselibeka phezu kwazo, ekhala ngoba wayazi ukuthi wayeyisoni. Futhi uyazi, wacabanga . . . "

123 Ukube uJesu ubeyonyakazisa unyawo, ngabe ubeyobaleka aphume lapho. Kodwa niyabo, akunandaba ukuthi kuyini, uzama ukuMenzela inkonzo, Uzokuvumela ukuba ukwenze, Uyakuthanda, Menzele inkonzo.

124 "Futhi ngiyaMbona nje emi lapho embuka. Futhi yena, egeza izinyawo zaKhe, futhi wakhala, 'Ngiyazi ukuthi ngiyisoni. Angifanele ukwenza lokhu, kodwa, Nkosi, angikwazi ukuma ukuKubona uhlezi lapho, nezinyawo zaKho zonke zingcolile futhi zinuka kanje, akulungile,' egeza izinyawo zaKhe kanjalo, ehhayiza.

125 "Futhi umFarisi omdala, omdala *ozaziyo*, waphenduka, futhi waqhuma, wathi, 'Hhe-hhe-hhe! Mm. O, ukuba wayengumprofethi, ubeyokwazi ukuthi hlobo luni lowesifazane obegeza izinyawo zakhe, ukuba ubengumprofethi. Lokho kufakazela ukuthi akayena umprofethi.' UJesu wavele wahlala wanganyakaza waze wagcina eseyiqedile inkonzo yakhe." Yileyondlela Enza ngayo wena noma mina, qhubeka wenze inkonzo yakho. "Khona-ke lapho eseqedile, Wavele wama nje futhi wambheka, futhi wasukuma wabuyela emuva. Uzothini na? Akazange asho kuye, Waphenduka, wase ebheka ngakumFarisi, Wathi, 'Simoni, kukhona eNgifuna ukukusho kuwe: UNgimemile ezansi lapha, futhi Ngiyafika, kodwa lapho seNgifika, awuNginikanga nhlobo amanzi ezinyawo zaMi; awuzange ugcobe ikhanda laMi elishisayo lapha ngamafutha okugcoba; awukaze uNgange.'" Lapho unikeza i . . . ukwanga kwasePalestine entanyeni, wamukelekile. "Woza ungene." Ungumfowethu. Ungaya ebhokisini leqhwa, futhi uthole ozokudla, futhi ukhumule izicathulo zakho, futhi ulale phansi kusofa, futhi wenze okufunayo, usekhaya, lapho bekwanga wamukeleke. Kodwa wathi, "'Awukaze uNgange ngamukeleke.'

126 "'Kodwa lona wesifazane,' Waphendukela kuye, wathi, 'lona wesifazane, selokhu Ngibe phakathi lapha, selokhu efikile, akayekanga ukwanga izinyawo zaMi, futhi wazigeza

ngezinyembezi zamehlo akhe.'" Amanzi amahle kangaka pho, izinyembezi zokuphenduka, ukuMenzela inkonzo. O! "'Akayekanga ukugeza izinyawo zaMi ngezinyembezi zakhe, wange izinyawo zaMi, hhayi intamo yaMi, izinyawo zaMi, selokhu Ngiphakathi lapha.'

127 "Futhi uyamangala ukuthi Uzothini, umlomo wakhe wonke ugcwele amafutha avela emafutheni okugcoba, amehlo akhe amakhulu ansundu emile evulekile, izinwele zakhe zilenga phansi, i. . . ubuso bakhe bunemidwa manje, futhi uyazibuza. Khona-ke Uyaphenduka futhi uyambuka." Manje, bonani ukuthi UngumProfethi noma qha. "'Futhi Ngithi kuye, ukuthi izono zakhe, eziningi, zithethelelwe zonke.'" Yilokho engifuna ukuMzwa ekusho. "Izono zakhe, ezaziziningi, zithethelelwe zonke." Amen! Ingabe WayengumProfethi na?

128 Omunye wathi, "Niyakhumbula," kwasukuma omunye, phezulu lapho, wathi, "Niyakhumbula futhi, ukuthi ngenkathi Engena ngesango ngalolosuku, ephuma eJeriko na? Kwakukhona indoda eyimpumputhe ihlezi lapho, futhi yayikade, wathi yayikade ikhuluma, igama layo kwakunguBartimewu. Uyabukhumbula ubufakazi bakhe na?"

"Yebo."

129 "Washo ukuthi isixuku siqala ukubanga umsindo omkhulu, futhi wathi, 'Umayelana nani wonke lo msindo na?' nabantu begijima phezu kwakhe." Niyazi, namanje lapho uJesu efika, umsindo omkhulu. "Futhi kwakukhona. . . Ngingakwazi. . . Wa—wathi wayeyizwa induna, umeluleki jikelele, inhloko yenhlangano wabefundisi behlela lapho ukuzomisa leyomvuselelo, 'Ngeke babe nemvuselelo enjengaleyo ezansi lapha.' Futhi ngakho babeMenza ukuba aphume emzini.

130 "Futhi wagijima waphuma wayesethi, 'Heyi, siyaqonda ukuthi uvuse umuntu kwababafileyo okuthiwa uLazaru. Sinendawo yamathuna yonke egcwele bona phezulu lapha, khuphuka uze, ubavuse, sizokukholwa.'" Niyabo, kodwa uNkulunkulu akadlali namuntu.

131 Ngesinye isikhathi kwakukhona esinye isigejane esasikholwa ukuthi Wayengesuye umProfethi. Bamboza ngendwangu ubuso baKhe emagcekeni amaRoma, futhi bathatha induku, nendwangu ebusweni baKhe, futhi baMshaya ekhanda, futhi bathi, "Uma ungumprofethi, sitshele ukuthi ushaywe ngubani. Sizokukholwa, sitshele ukuthi ubani okushayile." Kodwa Akazange awuvule umlomo waKhe futhi washo iZwi. Isizathu Wayazi ukuthi ubani okwenzile, kodwa Akadlali nodeveli, Wenza izinto nje ukuze akhazimulise uBaba. Yinto efanayo leyo. . . Ya. "Uma ungumprofethi. . ." Bakungabaza bonke. Kunjalo. Bakungabaza bonke.

132 UZakewu wathi wangabaza, kodwa khona-ke weyeyikholwa. Waba yilunga leFull Gospel Church, Mfowethu,

futhi wayethembeke ngempela kulo ezansi lapho, ngoba wayekholwa ukuthi WayengumProfethi.

133 "Khona-ke sithola ukuthi uBartimewu omdala oyimpumputhe emi phandle lapho, futhi yena . . . kuqhamuka inenekazi elithile. Futhi wayeyikho konke . . . waphonswa ngapha nangapha, wayesemphakamisa, wathi, 'Mnumzane, yini indaba na?'

"Wathi, 'Nenekazi eliselincane, ngicela ungitshele, Ubani odlulayo na?'

"'O, awazi na? Wena ungumJuda, futhi awulwazi usuku nehora esiphila kulo na?'

"'Qhabo, nenekazi lami elihle. Angazi ukuthi kuzoba nguBani.'

"'Ngingumfundi waKhe.'

"'Ungubani Yena na?'

"'UnguJesu waseNazaretha.'

"'Angikaze ngizwe ngaYe.'

"'Ngani, UngumProfethi waseGalile imiBhalo eyakhuluma ngaye.'

"'O, uMesiya, iNdodana kaDavide na?'

"'Yebo.'

"'Ukuphi Yena na?'

134 Manje, uma uke waba seJeriko, maka lapho—lapho uBartimewu oyimpumputhe wayehlezi khona, futhi maka lapho uJesu ayekhona lapho Amuzwa khona. Kwakungenakwenzeka kuye ukuba aMuzwe ephikisana noyedwa ethi, "Yethi Mprofethi! Udumo kuNkulunkulu kweliphezulu!" Abanye, omunye wathi, "Mkhipheni emzini, ungumprofethi wamanga! Vusa abafileyo, sibonise okuthile lapha!" Isixuku esixubile. Awukwazanga . . . Akakwazanga ukuzwa, izwi lakhe lemvelo, akakwazanga ukulizwa.

Kodwa uBartimewu omdala oyimpumputhe waguqa wayesethi, "O Jehova Nkulunkulu . . . "

135 Esekwenzile lokho, uJesu wema wanganyakaza. Ngifisa sengathi bengingashumayela ngalokho: *Khona-ke UJesu Wama Wanganyakaza*. Wasukuma wanganyakaza wayesethi, "Mlethe lapha." Ukukholwa kwakhe, ukukholwa kwalesosinxibi esiyimpumputhe sayimisa iNdodana kaNkulunkulu endleleni eya eJerusalema kanye nesono salo lonke izwe sibekwe phezu kwaKhe, eya eKalvari ukuba abethelwe esiphambanweni. Nokukholwa kwesinxibi esisodwa, siguqe ngamadolo, sikhala kakhulu, ukukholwa kwaso, Wezwa ukukholwa kwaso. Impela wayengumProfethi kaNkulunkulu.

136 O, umhlangano wobufakazi onje pho! Ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi sokuqhubeka, kodwa asinaso, sozofanele simise umhlangano wobufakazi futhi sivale. O, sekuthi mhlawumbe akube leyithi ngokwedlulele kancane, futhi vele sekumnyama. O, isikebhe sakudala sasiyendezela nje, sisuka kolunye uhlangothi siye kolunye, bempongoloza, "Udumo! Haleluya!" O, babenelisekile! Babazi ukuthi WayenguMesiya.

137 Cishe ngaleso sikhathi, emuva ngale emva kwamagquma lapho eGalile, udeveli wavuka. Wathi, "Ehhe. Ngibathole kahle impela lapho engibafuna khona, bahambile ngaphandle kwaKhe. Manje, ngizobathola."

138 Futhi ngiyamangala, bazalwane, uma amabandla ethu engenzanga into efanayo. Ekusaseni kwemvuselelo, sizama ukuthola ukuthi ubani ongaba nebandla elikhulu kunawo wonke, nenhlangano egqoke kahle ukuzidlula zonke, ibandla eligqoke kahle ukuwedlula onke, njalo, nenhlangano enkulu kunazo zonke, amalungu engeziwe. Ngiyamangala ukuthi ngabe asithanga shelele yinio kukho konke lokhu ngaphandle kwaKhe. Niyabo? BeMshiya ngemuva, elele, ngoba nje bane—isixuku esingcono, nebandla elikhulu ngokwedlulele. Futhi lokho yi—lokho yilapho ukwesaba kwami kuza khona ngebandla lami lePentecostal engilishisekelayo, ukuthi lizogeja lowoMnyombo wangempela, lowoMbuso kaNkulunkulu wangempela. Khumbula, mfowethu, dadewethu, iPhentekoste aliyona inhlangano. IPhentekoste liyisehlakalo, iMethodisti, iBaptisti, iSheshi, noma ngubani othandayo. IPhentekoste, ungeke wahlela iPhentekoste, ngoba lowo nguMoya oNgcwele. Niyabo? Futhi awukwazi. . . Yisehlakalo esifika kubo bonke abantu.

139 Bese-ke beMbona. Bahamba ngaphandle kwaKhe, ngakho wathi, "Nali ithuba lami lokubacwilisa." Ngakho uqala ukuphephetha umoya wakhe wobuthi. Whewu. Ulwandle olukhulu luyaqala . . . Wathi, "Ngizobacwilisa laphaya phakathi nolwandle manje. Ngibakhiphele lapho bengakwazi ukuzisiza khona." Whewu. Igagasi emva kwegagasi!

140 Uthini namuhla ngegagasi lakhe emva kwegagasi na? "Izinsuku zezimangaliso sezedlule." Whewu. "Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Nina bantu bePentecostal benifanele niqale kulokho. Benifanele nijoyine amabandla amakhulu enkolo yobukristu. Benifanele ni—benifanele nedlulele eMkhandlwini wamaBandla oMhlaba." Whewu. Amagagasi okungabaza entanta ebandleni.

141 Futhi into yokuqala encane amagxolo abo—abo amancane agcwala amanzi. Isigxobo sikaseyili saphuka, izigwedlo zaphuka, okuncane . . . Niyazi ukuthi kusho ukuthini ukuba nesikebhe esigcwele amanzi, sesithi asilungele ukuya

ngaphansi. Futhi kwakulapho, wonke amathemba ayengasekho. Okuncane. . . Kwakumele nje basivumele sihambe.

142 Igagasi, nodeveli ehlezi phezu kwawo wonke amagagasi, ethi, "Ha! Sizobathola kwelilandelayo. Sizobacwilisa kwelilandelayo. Bangabafundi bakaKristu. Sizobacwilisa ngoba sebehambile, baMesaba, bahamba. Ngakho manje, sizo—sizo—sizo—sizomthola, sizobathola." Nakho la babekhona, beya emuva naphambili, nodeveli ethi, "Ngizobacwilisa ngokulandelayo."

143 Kodwa uyazi uk'thini? Lapho sebehambile, Akabashiyanga; Wagibela igquma eliphakeme kunawo wonke elalikhona ezweni ukuze Ababheke, ababheke lapho babeya khona. Futhi niyazi, ngenkathi Efa emuva lapho eKalvari, Akazange asishiye, Wabuye wavuka, futhi Wenyuka, wenyuka, phakathi kweMarsi, iJupita, iVenasi, ngale kwenyanga, izinkanyezi, iMilky White Way, wangena eZulwini, futhi waya le ngaphezu kweZulu. IBhayibheli lathi Wenyukile. Ngisho neZulu liyisenabelo sezinyawo zaKhe. Kungani na? Lapho ukhuphukela phezulu, yilapho ungabona khona. Neso laKhe liphezu komzwilili, futhi ngiyazi Ubhekile khona manje. Lapho kufika inkathazo, Wababona besenkathazweni, futhi into yokuqala niyazi, nangu Eza ehamba ngezinyawo eza kubo phezu kolwandle, ehamba ngezinyawo. Futhi ingxenye edabukisayo yale ndaba ikanje, khona lapha ingxenye edabukisa kunazo zonke. Base belungele ukucwila.

144 Futhi uma amabandla ethu engabuyeli emvuselelweni futhi, abuyele kuMoya oNgcwele, abuyele, futhi engalokhu ehamba kulowomugqa njengoba amabandla amahlelo ehamba, sizocwila. Kunjalo. Sibuyela emuva ngqo, ngoba onke amabandla ake ahlela, uNkulunkulu wawabeka eshalofini. Futhi ngifuna noma yimuphi usomlando ukuba angitshele lapho elake laphinda lavuka futhi, akukaze neze kukwenze emlandweni, futhi ngiye ngafundisisa ngoMkhandlu waseNicaea, uMkhandlu wangaphambi kweNicene, i*Nicene Fathers*, i*Two Babylons* kaHislop's, i*Early Ages* kaPember. O, ayikho neze indawo lapho ibandla elake lahlela khona, ngaphandle kwalelo uNkulunkulu alibeke eshalofini, futhi wangaphinda walisebenzisa, futhi wathatha okunye, futhi waqhubeka nakho. Kunjalo. Kunjalo. "UNkulunkulu uyakwazi kulawa matshe. . ." Kulapho inkathazo yethu ilele khona kulobubusuku. Kulobubusuku ilele lapho.

145 Futhi nakhu kufika uJesu ehamba phezu kolwandle, futhi babecabanga ukuthi Wayeyisipoki, futhi babeMesaba. Bathi, "O!" Bamemeza kakhulu, "O, kubukeka kusasipoki! Ngiyesaba ukuthi umoya!" INto kuphela eyayingabasindisa, babeYesaba.

146 Manje, thulani ngempela. Kwenzeka okufanayo. Nomaphi lapho uya khona, futhi babona uMoya oNgcwele uhlukanisa,

khona impela Akusho, efakazisa ukuthi UnguMesiya esebenza kubantu baKhe, abantu bathi, "Ngukufunda ingqondo. Awu, lowo mfo ungumbhuli." Niyabo? Into efanayo abayibiza kanjalo. Niyabo? Okuwukuphela kweNto engabasindisa, bayaYesaba. Kunjalo.

147 Kodwa uJesu wathini na? Wathi, "Ningesabi; yimani isibindi; yiMina." Amen. "Ningesabi; yiMina; ningesabi." Kwangathi Angasho lokho ezinhliziyweni zethu kulobubusuku, bangane.

148 Futhi lapho sehla ngalomugqa womkhuleko, asikhumbule, "Ungesabi." Manje, uma ninokukholelwa ezeni okuncane, ukusola okuncane ezinhliziyweni zenu... Uxolo ngokuhlanganisa amazwi ami. Lena yimihlangano elandelanayo eyishumi nanye kimi kanye nokwehlukanisa okungaba ngamakhulu ayishumi nanhlanu ezinyangeni ezimbili ezedlule. Sekuthi angibe ngohambile. Nginobunye ubusuku obuthathu, futhi ngifanele ngiphumule kancane, noma angikwazi nje ukuhlala lapha. Konke... Ngihlala futhi ngikhulume nabantu, kubukeka sengathi kumile, kungumbono. Niyabo? ngi... Yingakho ngi—ngikhathele. Aniqondi ukuthi ngidlula kuphi. Kodwa ngifanele ngisebenze, ilanga lizoshona maduze, futhi ngeke kusaba khona ukuKhanya, kuzoba mnyama ngaleyonkathi.

149 Bathi ubukhomanisi buzohamba bungamele umhlaba. Ungakukholwa lokho. UbuKhomanisi abuzukwenza lutho. Ngibonise indawo eyodwa eBhayibhelini lapho ubukhomanisi buyoke bungamele khona. IBhayibheli lithi ubuRoma buzongamela, hhayi ubukhomanisi, buka umbono kaDaniyeli. Niyabo? Hhayi—hhayi ubukhomanisi, kungunodoli osezandleni zikaNkulunkulu ukubhubhisa ubuRoma. Kodwa ubuRoma, kwesabe lokho, hhayi ubukhomanisi, akulutho, abulingani nalutho. Kuphela, nizwa ngeRashiya, bonke ubuKhomanisi, ngike ngaba lapho, ngabona abanye abantu abahle kunabo bonke engake ngababona empilweni yami. Kunephesenti elilodwa kuphela layo yonke iRashiya engamakhomanisi. Okudingwa yiRashiya... Babubonile ubuthakathaka bebandla eliKatolika, nendlela abenze ngayo, futhi abenzanga lutho, futhi bakhipha yonke imali ezweni, futhi baphenduka ikhomanisi. Kunjalo impela. Bekufanele baphakamise lelo zinga.

150 IRashiya idinga imvuselelo. Ngenkathi lowomfanyana evuswa kwabafileyo, enhla lapho eFinland, Ngama lapho namakhulu alawo masosha angamakhomanisi, ngalokho kubingelela kobukhomanisi, nezinyembezi zehla ezihlathini zawo. Lapho lokho kwadabula izwe lonke, bathi, "Siyokwamukela uNkulunkulu ongavusa abafileyo." Yebo, mnumzane. Impela. Bafuna i... Badinga imvuselelo.

151 Esikudingayo kukodwa... UNkulunkulu udinga umuntu oyedwa kuphela Angakwazi ukuphelela ekulawuleni

kwaKhe, yilokho kuphela Akudingayo. Mfowethu, uKristu ulapha kulobubusuku, ungakwesabi, nguKristu. Lapho udlula kulomugqa, khumbula nje lokhu ukuthi nguKristu. Ngizomisa ibandla futhi ngibakhulekele; ngizoba nabafowethu abangabefundisi lapha abakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, behle.

152 Izikhathi eziningi abantu . . . Umfundisi uzongena edolobheni, futhi mhlawumbe unokuhlakanipha impela kokukholwa, futhi uzo—uzokhuluma konke yedwa, nakho konke ukukhulekela abagulayo, ngisho nokubhaphathiza abantu. Khona-ke kwenzekani na? Khona-ke lapho umvangeli esehambile, umelusi bandla ubukeka sengathi uhlezi ohlwini olungemuva futhi ubengelutho, emva kwakho konke, lowo ngumelusi wakho wezimvu, leyo yindoda ekulethe kwaze kwaba la, thembela kuye. Futhi ngifuna nazi nonke, anidingi ukulinda kuze kufike izipho ezikhethekile. Uma unesidingo sezinto zikamoya, thintana nomelusi wakho, nguye owakuhola ngokuphepha kuze kube la, uzokuthatha akuqhubeze, kunjalo, inceku kaNkulunkulu.

153 Futhi ngifuna nazi, ngobunye ubusuku, ngema emgqeni lapho abelusi abangaba ngamashumi amathathu noma amashumi amane, ngase ngagxumela ngakolunye uhlangothi lomugqa futhi ngacosha abantu kanjalo, futhi elikhulu, iphesenti elikhulu kunawo wonke labo laphulukiswa ngaphambi kokuba lize lifike lapho engangimi khona. Labobelusi abagcwaliswe ngoMoya oNgcwele, bebeka izandla zabo phezulu, lawo kwakungamaMethodisti, amaBaptisti, namaPentecostal, nabo bonke kanyekanye, babekholwa. BabenoMoya oNgcwele, futhi babekukholwa, kunjalo, futhi babenza umsebenzi wenziwe. Yiqiniso lelo.

154 Futhi ningakwesabi lokhu kuhlukanisa okufihlakeleyo, uNkulunkulu wakwethembisa. Nalobubusuku obuncane obumbalwa, niyakukholwa na? Yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Asikhuleke manje, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu. Manje, silungiselela ukuvala. Emizuzwini engamashumi amabili kuya kwengamashumi amathathu ezayo sizobe sesivalelisana.

155 Futhi uma ngibuya ngonyaka ozayo, kukhona abanye bethu abangeke babe lapha, niyakwazi lokho. Uma . . . Ngingahle ngingabibikho ngisho lapha mina uqobo; ungase ungabi bikho lapha. Lona kuzoba umhlangano wethu wokugcina kulomhlaba, khona-ke sifanele sibonane futhi, lokho kuzoba sekwaHlulelweni, noma iSihlalo sokwaHlulela sikaKristu. Kuphakathi kokuthi uzobe umile lapho ulungisisiwe noma ungalungisisiwe. Kuyoba sekuleyithi kakhulu ngaleso sikhathi, ngeke wenze lutho ngakho. Futhi uyazi futhi uyakholwa, ukuthi uNkulunkulu ngeBhayibheli laKhe, lapha, ufakazisile kaninginingi ukuthi uBukhona baKhe bulapha.

156 Awuyena yini umKristu na? Angizukukucela, khuphukela kunoma yiliphi i-altare, Ngizokubuza umbuzo nje, ngifuna ungiphendule ngokusuka enhliziyweni yakho. Uma ungeyena umKristu futhi ufuna ngikukhulekele ukuba ube ngumKristu, ungasiphakamisa nje isandla sakho ngenkathi wonke umuntu elokhu egobise ikhanda na? Uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham, anginjalo." UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Abanye. . .UNkulunkulu akubusise. Omunye na? Ithi. . . UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Futhi uNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, ngapha. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. UNkulunkulu akubusise.

157 "Angisuye umKristu, ngifuna ukuba ngumKristu, ngiphakamisa isandla sami." UNkulunkulu akubusise, emuva lapho, mnumzane. Manje, khumbulani, bengingeke ngiwubuze lombuzo ukuba bekungakabi nguMoya oNgcwele vele ongishayile. Yingakho ngiqale ngomlayezo. Niyiqaphelile iphimbo elehlukile ngenkathi ngigeza izinyawo zalowo wesifazane, noma, ngigeza izinyawo zikaJesu, owesifazane na? Lokho kuKhanya kundize kwehlela ngqo phezu kwami, kumi khona lapha, phambi kwami manje. Niyabo? Yingaleso sizathu, ngenza njengoba Engitshela, "Batshele ukuthi baphakamise izandla zabo."

158 UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, yebo. Ngiyasibona isandla sakho. Omunye umuntu na? UNkulunkulu akubusise. "Yiba nomusa kimi, Nkulunkulu, ngi—ngifuna ukusindiswa." UNkulunkulu akubusise, nenekazi. "Ngifuna ukwenza. . . Ngifuna ukusindiswa futhi ngenzele uJesu inkonzo. I—izwe lithela ukungcola phezu kwaKhe futhi, ukungcola kwezwe. BaMbiza ngo 'mgingqiki ongcwele.' Bababiza ngesigejane sabantu abahlanyayo. Ngifuna ukuthatha ukuma kwami, futhi ngempilo yami, ukuthi ngizophila ngingcwele ebukhoneni balelizwe, ngifuna ukugeza ukungcola ezinyaweni zaKhe. Ukugxeka abakunikeza iBandla laKhe elingcwele, ngifuna ukugeza ukungcola ezinyaweni zaKhe ngezinyembezi zami zokuphenduka." UNkulunkulu akubusise, ndodana. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Kuhle lokho.

159 O, ngibona inqwaba yabantu abamhlophe bephakamise izandla zabo. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Busiswa. Kuyamangalisa lokho. Kholwa nje. Konke kuyenzeka kwabakholwayo. Yiba nokukholwa nje. Kulungile.

160 Baba waseZulwini, Wazibona lezozandla. Ngi. . . Njengenceku yaKho ngiyababiza. Ngiyababiza laba bantu abayigugu, abanye babo ngeke ngiphinde ngibabone. Kodwa, Nkulunkulu, bephule yonke imithetho yesayense ngalesisikhathi, baphakamise isandla sabo. Manje,

ngokwesayense, izandla zethu zifanele zilengele phansi; amandla adonsela phansi azibambela emhlabeni. Kodwa kukhombisa ukuthi banomoya kubo okwazi ukwenza izinqumo, futhi baphakamisela izandla zabo ngakuMdali wabo, bebonisa ukuthi umoya ongaphakathi kubo, futhi kukhona Oyedwa ongaphandle okhuluma nabo, futhi baphendula kulowoMoya, okunguMoya oNgcwele.

161 Futhi, Jesu, ngifuna ukucaphuna amaZwi aKho. Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa Angeke. Ushilo ekuBhalweni kweBhayibheli elibusisiwe kuJohane oNgcwele 5:24, "Lowo ozwa amaZwi aMi," futhi ngisanda kucaphuna iBhayibheli laKho kulobubusuku, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe ngoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi ngeke eze ekwaHlulweni; kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Wakwethembisa, Nkosi. Baphakamise izandla zabo, bayaKukholwa, bakholwa kuLowo owaKuthumayo, bemukela iZwi, futhi ngiyababiza. Futhi uSathane ngeke esaba ngakubo. Ngi—ngibabizela iVangeli.

162 Futhi uJesu ubanika uBaba waKhe kube izipho zothando, "Futhi akekho ongazihlwitha esandleni sikaBaba waMi." BangabaKho, Nkosi. Ngi—ngiyabakholwa, ukuthi bazongena ebandleni lobuKristu ndawondawo, ibandla elihle leVangeli eligcwele, futhi babhaphathizwe ngombhaphathizo womKristu, futhi bemukele uMoya oNgcwele. Futhi lapho inkungu yokufa iqala ukuntanta ebusweni babo, ngokunye kwalokhukusa, lapho inhliziyo yabo ima, umkhumbi omdala waseSiyoni uyakufika ugibelise umgibeli wawo ubabeke Ngaleya ngokuphepha. Siphe khona, Nkosi. Ngiyakukholwa, ngethemba eGameni likaJesu. Amen.

163 NgiyaMkholwa. NiyaMkholwa na? Manje, ngamunye ophakamise izandla zakho . . . Manje, ngiyakholelwa ekwenzeni ukubizela e-altare, impela ngiyakholwa. Kodwa okwangempela . . . Lokho akusikho okwabaphostoli. IBhayibheli lathi, "Bonke abakholwayo babhaphathizwa." Niyabo? Imihlangano yomkhuleko ibe . . . Impela, siqale ukwenza ukubizela e-altare, senyuka futhi sikhuleka ngezinsuku zamaMethodisti, ibandla lasekuqaleni eNgilandi, ngenkathi behlela uSonto sikole, nokunye nokunye, kodwa lokho—lokho kulungile. Ngiyakholelwa kumaKristu eza ngase-altare ekhuleka, nina zoni, nokunye. Kodwa njengamanje . . . Niyabo? Alikho igumbi, izinsimbi nakho konke lapha. Kodwa ngikholwa ukuthi ubuqonde lokho, futhi uma ubungakuqondile, bekungeke kukusize noma yikanjani. Niyabo? Kodwa uma ubukuqondile, usudlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Impele lokho Akusho. Kunjalo, ubukuqondile. Kukhona izandla ezingamashumi amathathu noma amashumi amane.

164 Manje, niyababona laba belusi lapha na? Bangabazalwane benu, hamba uye ebandleni labo futhi ubhaphathizwe. Futhi

makuthi. . .Babuze ngokuthi kanjani, wemukela uMoya oNgcwele, bazokuyala, ukuthi ukwenze kanjani. Manje, uma sinikhulekela, ngifuna ukuqiniseka ukuthi uMoya kaNkulunkulu uphezu kwethu. Kulungile.

165 Ngifuna ukunibuza: Uyakholwa na? Niyasibona lesosithombe laphaya, leyoNsika yoMlilo esesithombeni na? Usibonile. Manje, ngikubonile Lokho kusukela ngisengumfanyana, konke kuphansi kumarekhodi. Isikhathi sokuqala esake sathathwa, iphephandaba laseCanada lakuqukatha eminyakeni engamashumi amathathu nanye edlule, kuso sonke isifundazwe saseCanada, zonke izifundazwe, umbuso waseCanada, wathi, "UkuKhanya okuyimfihlakalo kubonakala phezu komfundisi ngenkathi ebhaphathiza emfuleni." Lokho kwakungo 1930, phansi kuSpring Street eJeffersonville, e-Indiana, ngenkathi cishe abantu abayizinkulungwane eziyishumi babemi lapho, ngangibhaphathiza umuntu wami weshumi nesikhombisa.

166 Ngathi, "Baba waseZulwini," futhi ngangingumshumayeli osemncane wamaBaptisti, ngase ngithi, "Baba waseZulwini, ngingambhaphathiza ngamanzi kuphela enhlanganyelweni yalelibandla, kodwa ngiyakhuleka ukuthi uzombhaphathiza ngoMoya oNgcwele."

Ngakusho lokho, Kukhona okwathi, "Bheka phezulu!" Futhi ngaKuzwa okwese-. . .okwesithathu kwathi, "Bheka phezulu!"

167 Ngase ngiphenduka futhi ngabuka, futhi kwazamazama ukubhonga okukhulu phezu kwesixuku, futhi nakhu kufika lokho kuKhanya kuZigaya kwehla, futhi kwama phezu kwami ngqo lapho engangimi khona. NePhimbo lavela kuKho, lathi, "NjengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukwandulela ukuFika kokuQala kukaKristu, uMlayezo wakho uyokwandulela ukuFika kwesiBili." Kubukeni namhlanje, imvuselelo yaqala emva kwalokho, futhi emhlabeni yahamba, iPentecostal, imvuselelo kaMoya oNgcwele. Manje, amaLuthela, amaBaptisti, iPresbyterian, amaKatolika nabo bonke bemukela uMoya oNgcwele, yonke indawo, neBandla lilungiselela ukungena. UMlayezo uza ekupheleni. Niyabo? Nakho la ukhona.

168 Manje, sonke siyazi manje ukuthi iNgelosi yeSivumelwano, leyoNsika yoMlilo yayiyiNgelosi yeSivumelwano, okwakunguKristu. Niyakukholwa lokho na? Abazalwane benu bazokukholwa lokho, abefundisi, impela. Niyabo? Waye. . . UMose walishiya iGibithe, ethi ihlazo likaKristu liyingcebo enkulu kuneyaseGibithe. Niyabo? Kwaku. . .Manje, lowo kwakunguKristu kuleyoNsika yoMlilo ngenkathi Ehlala phansi entabeni.

169 Manje, ngenkathi Efika lapha emhlabeni, Wathi, "Ngavela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu." Ngabe kunjalo

na? Futhi emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, emva kokwenyuka kwaKhe, uSawulu, kamuva owabizwa ngokuthi uPawulu, wayesendleleni eya eDamaseku ukuze abophe abantu ababekule ndlela. Futhi khona ngqo maphakathi nosuku, leyoNsika yoMlilo enkulu yabonakala phambi kwakhe, futhi yamshaya yamlahla phansi, yase ikhipha amehlo akhe. NePhimbo lathi . . . Manje, akekho owake wabona i—iNsika yoMlilo ngaphandle kwakhe.

170 Uyakholwa ukuthi oMagi balandela iNkanyezi na? Akukho mbheki owaYibona nanoma yini, ebuka amazulu, ngokuphelele. Abazange baYibone, ngoba babengaYibhekile. Niyabo? Uvele nje abonakale kulabo Abathandayo.

171 Manje, uSawule washaywa walahlwa phansi. A—a—abayibonanga iNsika yoMlilo, kodwa Yayingeyangempela kuSawulu yazeYakhipha amehlo akhe. NePhimbo livela kuYo, lathi, "Sawulu, Sawulu, ungizingelelani na?"

Wathi, "UnguBani na? InguBani leNsika yoMlilo na?"

Wathi, "NginguJesu. Ngivela kuNkulunkulu, Ngiya kuNkulunkulu."

172 Manje, Yena . . . Konke lokho uNkulunkulu ayeyikho Wakuthululela kuKristu. Wayengukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. Futhi konke uKristu ayeyikho, Wakuthululela eBandleni laKhe, "Ngalolosuku niyakwazi ukuthi Mina ngikuBaba, uBaba ukiMi, Mina ngikini, nani nikiMi." Niyabo? NguNkulunkulu. KwakunguNkulunkulu ngaphezu kwethu, uNkulunkulu enathi, uNkulunkulu ekithi. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Nakho lapho kukhona, uNkulunkulu ofanayo.

173 Manje, uma lokho kuKhanya kungenzi imisebenzi efanayo Okwayenza ngenkathi KuseNdodaneni kaNkulunkulu, khona-ke akusikho Okufanayo, akusikho. Kodwa uma Kwenza imisebenzi efanayo . . . Njengoba nje ngishilo, uma ubungakhipha konke ukuphila esihlahleni sama-aphula, konke nokuncanyana kokuphila, futhi udlulise ukuphila kwesihlahla samapheya esihlahleni sama-aphula, bekuyoveza amapheya. Niyabo? Ngoba ukuphila kukuso. Yilokho esikuvezayo, isithelo sisekuphileni, kusobala. Futhi lokho kuyinto efanayo lapha. Uma ubeka ukuPhila kukaKristu, futhi ukhiphe ukuphila kwesoni, kufanele sife kuqala, bese kuthi lapho ukuPhila kukaKristu kungena kuso, khona-ke siyoveza ukuPhila kukaKristu ngoba Yilokho okuphila kuso. Niyabo? "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza," ngoba ukuPhila kwaKhe kukuye.

174 Manje, abazalwane benu, abelusi benu, bangase bangakwazi ukuprofetha nokubikezela izinto, ngoba abaprofethi bazalwa bengabaprofethi. Kunesiphiwo sokuprofetha eBandleni, kodwa abaprofethi bazalwa bengabaprofethi, njalo. Niyabo? I—

iphimbo lesiprofetho emihlanganweni, isiphiwo sesiprofetho kufanele sahlulelwe. Kodwa qaphela. Manje, kodwa kukhona okungaphezu kwe. . . Kukhona abaphostoli, abaprofethi, abelusi, abafundisi, abavangeli. Niyabo? Wonke lawo amahhovisi. Nalaba bafowethu. . . Angiyena umfundisi, noma umshumayeli. Niyabo? Ngoba angikwazi ukubamba ihhovisi labo, abakwazi ukubamba elami. Kodwa, "UNkulunkulu umisile eBandleni. . ." La madoda angamadoda kaNkulunkulu nawo, anelungelo lokukhulekela noma ubani ngokufanayo nje. Futhi ngilapha kuphela. . .

175 Niyabo, sonke siyafana, ngakho abafowethu abangamaNdiya bazokuthola, sonke siyadoba, sinjalo. Futhi kukhona nje *eziningi kakhulu* izinhlanzi kulelichibi okufanele zibanjwe, futhi yilokho kuphela. UMbuso kaNkulunkulu ufana nomuntu wathatha inetha, futhi wahamba, waphonswa, inetha, wayikhipha, wayenamaxoxo, izibankwa, izimbungulu, izinyoka, nezinhlanzi. Awu, zaziyizinhlanzi kwasekuqaleni, ayengamaxoxo kwasekuqaleni, isikhashana nje, namaxoxo azogxuma abuyele emanzini, nezinyoka ziyogijima zibuyele emuva, izicabucabu zamanzi zizohlehla, nesikhuphashi sizogijimela ngaphansi kokuthile, kodwa inhlanzi ingeyeNkosi.

176 Manje, laba bazalwane badoba ngenethi ezingxenyeni ezehlukene zechibi elikhulu likaNkulunkulu. Manje, ngikhuphukela lapha kuleli dolobha elincane ukuzoluka inetha lami nelenu, ukuze sifinyelele kude le, le ukusuka ekhoneni elilodwa, noma, umphakathi owodwa, sifinyelele kude le, futhi sidonse, wonke amanetha ethu ahlanganiswe. Aniboni na? Singabazalwane. Singase—singase singavumelani. Uma ngiza ngibuza uMfowethu Byskal lapha ngesayense yezenkolo ethile, ubeyo. . . singase singavumelani, futhi angikaze ngihlangane nendoda ekahle empilweni yami. Niyabo? Singahle singavumelani. Kodwa. . . Abantwana bami emuva lapho. . . Nginabantwana abathathu ekhaya. Ngiyahamba ngiyolanda u-ayisikhilimu, kufanele ngithole izinhlobo ezintathu ezahlukene, omunye ufuna ivanila, omunye ufuna amajingijolo, kanti omunye ufuna ushokoledi, awu, lapho ngiza no-ayisikhilimu, kubukeka sengathi uthingo lwenkosazana, kodwa bheka, konke u-ayisikhilimu, ukunambitheka akubalwa. Nakhu la sikhona, mfowethu! Udumo! Kunjalo. Sonke sidla u-ayisikhilimu.

177 "NgaMoya munye sonke sibhaphathizwa eMzimbeni ofanayo." Futhi indlela esingahlala ngayo lapha kulobubusuku, uthingo lwenkosazana luyisivumelwano. UNkulunkulu unguNkulunkulu wezinhlobonhlobo. Awukukholwa lokho na? UNkulunkulu akanakho konke njengoSears noRoebuck, Harmony House. Qhabo, mnumzane, uNkulunkulu unguNkulunkulu wezinhlobonhlobo. Wenza izintaba ezinkulu, Wenza izintaba ezincane, Wenza izingwadule, Wenza izilwandle, Wenza amadoda amancane, amadoda amakhulu, Wenza

izimbali ezimhlophe, imbali emnyama, izimbali eziluhlaza okwesibhakabhaka, izimbali ezipinki. UnguNkulunkulu wezinhlobonhlobo. Futhi yileyondlela Akufuna ngayo.

178 Kodwa i. . .Manje, kuthiwani uma imbali emhlophe ingena nembali ebomvu, bese ithi, "Hhe. Angeke ngibe sesixhekeni sezimbali zikaNkulunkulu. Ha-a! Qhabo, mnumzane, ngoba anginjalo. . .awuyona imbali ebomvu." Qhabo, zivele zixubaniselwe iNkosi. Amen. Yileyo ndlela esenza ngayo, sihlanganisele iNkosi. Kunjalo.

179 Manje, uMoya oNgcwele ulapha, futhi uJesu wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa." Ngabe kunjalo na? Abakwazanga ukuMkholwa, enguMuntu, enguNkulunkulu. Bangavele babone nje ukuthi lokho kungaba noma yini. Bathi, "Uzenza ulingane noNkulunkulu, uyiNdodana kaNkulunkulu." Manje, siyazi ukuthi uJesu wayeyiNdodana. Wathi, "INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza."

UThomas wathi, "Sibonise uBaba futhi kusanele."

180 Wathi, "Sengihlale isikhathi eside nani, awungazi Mina na? Ongibonile Mina umbonile uBaba. AkuMina owenza imisebenzi. NguBaba waMi ohlala kiMi." UNkulunkulu unguMoya; uJesu wayenguMuntu, WayeyiTabernakele uNkulunkulu ayehlala kulo. Niyabo?

181 Manje, WayenoMoya ongenakulinganiswa, njengawo wonke lawomanzi phandle lapho olwandle, lokho kwakuyiLokho okwakukuYe. Kodwa kithi, okugcwele isipuni nje kuKho, sinaKho ngesilinganiso. Kodwa khumbula, amakhemikhali afanayo akulo lonke ulwandle asesipunini, hhayi kakhulu kukho, kodwa uhlobo olufanayo. Amen. Niyabo? Kunjalo. Yingakho Wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza."

182 Manje, ngenkathi ekhombisa isibonakaliso saKhe sobuMesiya, lokho kwakungokwabanye. Wayengumfundisi, "Nakho la *be*khona, nazi izinto ezahlukene," konke Akwenzile. Lapha kumelwe eBandleni laKhe. Ulapha ukuzokusiza, futhi silapha sishumayela iZwi, senza konke esingakwenza ukukusiza.

183 Manje, uma ngikhulume iqiniso, uNkulunkulu ubophezelekile eQinisweni laKhe. Ngabe kunjalo na? Manje, ngaphambi kokuba senyukele lapha. . .Futhi niyazi, abelusi benu, niyazi bangabafundisi, niyazi bangamadoda anamandla kaNkulunkulu eZwini. Futhi manje, ukuze uNkulunkulu akhulume noma ngikhulume iqiniso noma qha, bangaki phakathi lapha manje ogulayo na? Phakamisani izandla zenu. Ngaphambi kokuba sikhuleke, vele uphakamise isandla sakho, uthi, "Ngiyagula, ngifuna ungikhulekele." Kulungile. Manje, kukhona zonke izinhlobo zezandla, kusobala bengingeke ngazi

ukuthi bekuyisiphi. Manje, ake sikhuleke nje ezinhliziyweni zethu.

184 Manje, iBhayibheli lasho ukuthi uJesu Kristu ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Uma lokho kunjalo thana, "Amen." Njengamanje ungumPristi oMkhulu. Futhi uma uMthintile, namaHeberu 13:8 athi, "Unguye izolo, namuhla, naphakade," Wayezokwenza ngokufanayo. Niyabo? Usesimweni sikaMoya oNgcwele. Khona-ke uma—uma uthinta ingubo yaKhe, njengoba kwenza lowo wesifazane, ngemizwa yobuthakathaka bakho, khona-ke Uzophendula ngqo, ngoba nansi ingxenye yeBandla laKhe, nampa abafundisi, nezitolo, nemigudu. Niyabo? Futhi ubone nje ukuthi akusiye uNkulunkulu yini. Mabazi abantu phakathi lapha ukuthi UnguNkulunkulu. UnguNkulunkulu, futhi Uhlala enguye izolo, namuhla, naphakade. Manje, asikhuleke ngokuthula, ngamunye, ngenxa yobuthakathaka bethu. Makuthi, wonke umuntu, ngendlela yakho ukhuleke. Kholwa nje. Uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa, mangithinte ingubo yaKho, Baba. Ngiyazivuma izono zami, nginephutha. Futhi Nkosi Nkulunkulu, uma Uzovele uvumele—vumele . . . "

185 Nani bantu emuva lapho, enisanda kuMamukela nje, nithi, "Nkosi, lowomuntu ubazi ngempela ukuthi kukhona izoni lapha noma ubengeke abize kanjalo, ngase ngiziphakamisile izandla zami. Angikaze ngiyibone into efana nalena yenziwe. Ngimuzwile ekhuluma ngalowo mhlangano wobufakazi. Uma ngingakubona kwenziwa, ngizoqala umhlangano wobufakazi futhi, ukuthi ngikubonile kwenziwa, ngoba bathi Wawufana." Manje, khuleka futhi uthi, "Baba ngivumele ngithinte ingubo yaKho. NgeGama likaJesu. Amen."

186 Manje, buka ngapha. Kholwa. Asihambe nje nge—ngezigaba ukuze ngivele ngizahlukanisele esigabeni. Manje, kholwani ngenhliziyo yenu yonke. Manje, makuthi uMoya oNgcwele . . . Ngesizotha manje, wonke umuntu enenhlonipho futhi ethule njengoba ungaba njalo. Futhi ungenzi nje . . . Bheka—ngibheke, kodwa unga . . . Kwathi uPetru noJohane bedlula esangweni, bathi, "Sibheke." Lokho kwakusho ukuthi, nakalokho ababekusho. Wathi, "Isiliva negolide anginalo; enginakho ngizokunika khona."

187 Manje, uma bengingaphulukisa noma ubani kini, bengizoza ngikwenze, niyakwazi lokho, Ngikholwa ukuthi niyakukholwa lokho, uma bengingakwenza, kodwa angikwazi, akekho omunye ongakwenza. Ngisho noNkulunkulu angeke akwenze, Usevele ukwenzile. Into kuphela, Uyanazisa ukuthi Ulapha ukuqinisekisa lokho Akushilo kwakuqinisile. Bangaki okuqondayo lokho na? Ukuthi uBukhona baKhe buqinisekisa lokho . . .

188 Bheka lapha. Ngani, bekungaba kukhulu kangakanani

uku—ukubona u—umuntu laphaya ongakaze umbone empilweni yakho, futhi bembule impilo yabo, noma into ethile kubo efana naleyo, lapho kuyoba, ngisho nokubeka izandla nje phezu kwabagulayo, futhi ubabone besinda na? Kuyisimangaliso esingakaze sibe naso eBandleni iminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Kodwa kwathenjiswa ngesikhathi sokuhlwa, futhi nakhu la sikhona, hhayi ebandleni eligcina umthetho ngamehlo, kodwa eBandleni elikhethiwe, iNzalo ka-Abrahama, kuphela. Manje, kholwani.

Uma noma ngubani engakholwa ukuthi nguNkulunkulu, yenyukela lapha futhi uthathe indawo yami. Yiba nokukholwa.

189 Kunentombazanyana, enhle encane ehlezi khona lapha engibukayo, nencane. . . intombazane encane engumNdiya. Kukhona okungalungile ngawe, Dadewethu. Futhi phansi enhlizweni yakho encane, yobuntwana, ushaye iNto ethize. Ngifuna ukukubuza okuthize, Dadewethu. Uzwe umuzwa omnandi wangempela eduze kwakho, lapho nje ngikhulumile, akubanga njalo na? Lokho kuKhanya kwehlela phezu kwakho ngqo. Uhlushwa utwayi olungasuki. Kunjalo, akunjalo na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Luzokushiya manje. Niyabo? Ukukholwa kwakho kwenza lokho. S'thandwa, ubunalo ikhadi lomkhuleko na? U—ubunalo, ngeke udingeke ulisebenzise manje. Ngibheke phansi, ngacabanga ukuthi ngibone oyedwa, bekukhona okuthile esandleni sakhe. Yiba nenhlonipho nje.

190 Lapha, owesifazane omhlophe, ehlezi le emuva lapho engibuka. Uhlushwa okuthile okungalungile emphinjeni nasesifubeni sakhe. Nkulunkulu, ungamvumeli ukuba akugeje. Baba waseZulwini, msize, ngiyacela. Nkosazana Alexandra, uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Uyakholwa na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Lalela, lalela lokhu. Lapho ngiqala ukukhuluma, ubucabanga ukuthi bekunguwe, kodwa ubungenaso isiqiniseko. Kunjalo. Khona-ke wathi ukuba nokuphatheka kabi kwangempela, wesaba. Lokho kuKhanya kwasuka kuye kwabe sekubuya. Niyabo? Kwathi-ke Sekwenzile, ngimbone ephethe into ethize esandleni sakhe evela esigxotsheni, futhi kwathi, "Alexandra." Kulungile. Qhubeka. Ukukholwa kwakho kuyakusindisa. Amen. UyaMkholwa na? Yilokho kuphela okumele ukwenze ukuMcela futhi wamukele.

191 Kuthiwani ngomuntu mumbe phakathi *lapha* na? Lapha. Nansi indoda ethi ukuba se. . . eza phakathi kweminyaka yobudala kanye neminyaka emaphakathi nokuguga. Iyangibuka ngqo, iyazibuza enhliziyweni yayo, ngempela uma ngikhuluma kuyo. Nguwena. Uhlushwa uhlobo oluthile lwento ethile ebusweni bakho, njengomuzwa ofayo. Futhi i. . . kwaqala esibhedlela, noma okuthize, noma uhlobo oluthile lwento ethile oyenzile. Futhi awukwazi ukulala, kukukhathaza kabi kakhulu. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje, kholwa, futhi angeke kusakukhathaza.

192 Umkakho ehlezi lapho, inenekazi eliseduze kwakho ngqo ligqoke ingubo enamachashazi ipolka, kulixhuxhumisile njengokuthi, belingazi nje ukuthi lenzeni. Kunjalo. Angikwazi, nenekazi, ngiyakwazi na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Ingabe uzongemukela njengomprofethi waKhe na? Uma ngizokutshela, futhi uyisihambi kimi, osuka lapha kungukuthi wena—wena uyikholwa, ngoba, kwenzeke kuye, uma ungikholwa ngenhliziyo yakho yonke, futhi ngingakwembula ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qhabo. Manje, ugula kabi kabi, yinkathazo yenhliziyo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje, kholwa ngakho konke okukuwe, futhi kuzokushiya. "Ningesabi; yiMina; yibani nesibindi."

193 Nali inenekazi elingumNdiya, lihlezi khona lapho lingibhekile. Liphakamise isandla salo ngasekhanda lalo, lihlikihla ubuso balo. Likhathazwa yinkathazo engalweni yalo. O Nkulunkulu, kwangathi lingekugeje manje. Dadewethu ongumNdiya, ngikhuluma nawe, Nkosazana Jacobson, ngikholwe ngenhliziyo yakho yonke. Lokho kukutholile. Nakho la ukhona. Amen.

194 Uyakholwa na? Manje, uyakholwa ukuthi lowo nguMoya oNgcwele na? Phakamisa isandla sakho. Khona-ke bheka, khona-ke lologcobo luphezu kwami manje, futhi ngikholwe njengoba ngisho ukuthi ngikhuluma iqiniso, futhi uNkulunkulu uyakuqinisekisa kuyiqiniso. Khona-ke, lowoMoya oNgcwele ofanayo, kwelinye ihhovisi kuphela, ukulamadoda, thina sonke. Manje, sizosukuma phezulu lapha, thina sonke esigcotshwe ngoMoya oNgcwele, futhi makuthi wonke umuntu esakhiweni adlule, futhi sizokhuleka futhi sibeke izandla phezu kwenu. Futhi iBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." "*Balandele,*" lokho yimi nawe ndawonye, wena nabo ndawonye. Niyabo? Kholwa. Sizobeka izandla phezu kwakho, futhi sikukhulekele njengoba udlula. Phuma kulesi sakhiwo, uthokoza nje futhi ujabule, futhi ungalokothi ukudedele, futhi uzophila.

195 Manje, uma ningikholwa ukuthi ngiyinceku kaKristu yeqiniso. . . Ngikhulume kini eZwini likaNkulunkulu. UNkulunkulu wehlile futhi waqinisekisa iZwi likaNkulunkulu, futhi ngikhuluma nginiphendule, nginikhombisa ukuthi nguNkulunkulu, futhi iZwi likaNkulunkulu lithembisa lokhu kini nonke. Yini enye Angayenza na? Lutho. Angeke akuphulukise, ngoba Usevele ukwenzile.

196 Into kuphela onayo, uyenze wukudlula khona lapha. Futhi ngokushesha nje lapho ungena emanzini futhi wabhapathizwa, thana, "NgingumKristu, ngoba ngiphendukile futhi ngibhaphathiziwe." Lapho ufika lapha, futhi izandla zibekwe phezu kwakho, uthi, "Ngiphulukisiwe, ngoba uNkulunkulu

wathi umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo." Qhubeka uphume lapha, vele uhambe uphume ngqo usuka ngaphansi lapha sengathi ubuhamba ngaphansi kweKalvari, ukumemeza futhi udumisa uNkulunkulu, sekuphelile. Uyakukholwa na? Amen! NgiyaMthanda, animthandi na? Amen.

KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli,
Lapho izoni zicwila ngaphansi kwethantala,
Kusuke lonke ibala lecala lazo.

Lelosela elifayo lajabula ukubona
LowoMthombo ngosuku lwalo;
Nami mangibe lapho, nakuba ngenyanyeka njengalo,
Ngigezwe kusuke zonke izono zami.

Selokhu kwathi ngokukholwa ngawubona lowomfudlana
Amanxeba aKho agelezayo ahlinzeka,
Uthando oluhlengayo beluyindikimba yami,
Futhi luyoba yiyo ngize ngife.

Bese-ke kwelobukhosi, iculo elimnandi kakhulu,
Ngizocula amandla aKhe okusindisa,
Uma lolu olushwashwazayo bandla, ulwimi olungingizayo
Lulala luthule ethuneni.

197 Haleluya. NgiyaMkholwa. O! Kukhona indawo eMthonjeni yethu sonke. O, lapho sicwila kulowoMfudlana ophulukisayo, ngokukholwa okuthululwa phansi kuvela kuNkulunkulu eZulwini, ethululela phezu kwabantu ebakhombisa uBukhona baKhe! Ulapha manje, Uyanithanda, Unithanda nonke.

198 Bangaki kini onamakhadi omkhuleko manje na? Phakamisa isandla sakho. Labo abanamakhadi omkhuleko kuloluhlu, lesi sigaba, mabame ngasodongeni kulelo cala, bonke abanamakhadi omkhuleko, yimani ngale kulelocala. Futhi bonke abanamakhadi omkhuleko kulesi sigaba, yimani ngale kwiphakathi nezihlalo eliphakathi nendawo. Futhi bathi nje sebefike ekugcineni, udonse khona lapha emva kwabo. Bese kuthi-ke athi nje onke amakhadi omkhuleko esephelile, khona-ke lesi sigaba asime kulelo cala. Futhi lesi sigaba esingenawo amakhadi omkhuleko, ngena phakathi komunye nomunye. UMfowethu Borders uzobamba imayikrofoni futhi aqondise.

199 Futhi manje, wozani lapha bazalwane bami. Ngiyabonga, Mfowethu Eddie. [Umfowethu uthi, "Phezulu kuwe, Mfowethu Branham noma ezansi lapho na?"—Umhl.] Singafika kuphi ngokungcono kunakho konke na? Phansi lapho na? Ngiyazibuza . . . ["Izitebhisi eziwumngcingo."] Kulungile.

Yikhona. Kungahle kube nabanye babo abakhubazekile. Ngikutshela esizokwenza, sizokwehla lapho. Asehlele phansi ngqo, yilokho esingakwenza, njengamanje. Kulungile, wozani nje. Yehlani ngqo, khona lapha phansi, ngamunye wenu bazalwane. Vele ume lapho . . .?. . . [Akuqoshwanga eteyipini.]

. . . bonane! size sibonane!
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu,
Size sibonane! size sibonane!
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

200 AKamangalisi yini na? Bangaki abakholelwa ukuthi uzophila saka na? Amen. Kumangalisa kanjani, kuyamangalisa! UNkulunkulu anibusise. Ake sivale amehlo ethu manje, njengoba sihlukana, ngithemba ukuphinde nginibone, futhi ngize nginibone ngizobe nginikhulekela, ningikhulekele. Nizokwenza na? Angisoze ngakhohlwa iPort Alberni. Into kuphela, ngifisa ukuba nje ngabe benginesikhathi esengeziwe sokuhlala; Nginithanda ngothando olungapheli lukaKristu. Njalo, noma ngasiphi isikhathi lapho ngingaba usizo kini, ubusuku abuyi kuba bude kakhulu, futhi imvula ngeke ine ngamandla kakhulu, ngibizeni, ngizonikhulekela nganoma yisiphi isikhathi, noma yini engingayenza ukuze ngibe usizo kini, size sibonane futhi.

Size sibonane! size sibonane!
UNkulunkulu abe nani, size sibonane futhi!

201 Belusi. Lihamisheni nje. O, kumangalisa kanjani! Kumnandi kanjani ukuthi abazalwane bahlalisane ndawonye ngobunye, njengamafutha okugcoba anenani elikhulu esilevini sika-Aroni, ehlela emiphethweni yengubo yakhe. Ngiyakuzonda ukunishiya. E-hhe. UNkulunkulu anibusise. Masiphinde silicule, nizokwenza na?

. . . sibonane! size sibonane!
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu; (Size sibonane!)
Size sibonane! size sibonane!
UNkulunkulu abe nani . . .

UNkulunkulu akubusise, Mfowethu.

